# UMDUDUZI

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Ngiyabonga, mfowethu. Sanibona kusihlwa, bangane. Kuyinhlanhla ukubuyela endlini yeNkosi futhi, kulobubusuku, enkonzweni yaYo, ukuYikhonza futhi. Ngicabanga ukuthi kuyinto enkulu kunazo zonke eyake yenzeka kimi, ukuba nenhlanhla yokuYikhonza. Futhi ngiyazi, njengoba nginikhonza, ngikhonza Yona. "Ngokuba lokho enikwenzile kwabancinyane balaba, abancinyane baMi, nikwenzile kiMi." Bese kuthi-ke amaZwi aYo awasoze ehluleka.

2 Manje ngifuna ukuthatha lomzuzwana wesikhathi ukuba ngisho ukuthi umama usaphefumula, noma bekungenkathi ngisuka esibhedlela esikhashaneni esedlule. Futhi masinya emva kwenkonzo yesidlo kulobubusuku, unkosikazi nami sihlezi phezulu kulobubusuku naye. Siphumela e—esibhedlela.

3 Futhi ngifuna ukuzwakalisa ngaye, ngokuthi akakwazi, ukubonga esinakho kini bantu, ngokusikhulekela kulesisikhathi senkathazo, nangamakhadi amahle nezimbali, nezinto zokuzwakalisa ukuzwelana, enikuthumele kumama wami; engikuthokozela ngempela, futhi uyakwenza, futhi. Futhi, ngiyabonga, ngomusa kakhulu. Ngizozama, ngawo onke amandla ami, ukunenzela okufanayo. Niyakwazi lokho. Futhi ngakho ukwazi lokhu, ukuthi mhlawumbe . . .

4 Bengingeke ngasho ukuthi uyafa, nakuba udokotela ethi uyafa. Kodwa wangitshela *lokho*, ngeSonto eledlule, ukuthi wayefa ngaleyonkathi. Futhi iviki lonke gulukunqu, abantwana uhlale ngakhona, elinde esibhedlela, beshintshana, ihora ngehora, elinde umama ukuba ahambe. Kodwa, ngalesisikhathi, uphansi kunalokho eke waba yikho.

5 Ngicabanga ukuthi umelaphi uthola izinto ezingamashumi amabili nambili ezehlukene ezingalungile kuye. Futhi kuyilokho-ke bona, omunye uyangena, uthi, "Qhabo, angikholwa ukuthi yilokho."

6 Futhi ekugcineni, omunye washo lokhu: "Ngumama omdala okhandlekile, ukhathele nje kakhulu ukuba angaphila isikhathi eside." Ngakho, ngicabanga ukuthi lokho kuthi ukukuzwakalisa. Kunjalo. Ungumama wabantwana abayishumi, futhi izikhathi bezinzima kuye. Siphile ngokuhlupheka. Futhi izinto bezingenjalo njengokuthi ku—bekungaba njalo, ngiyethemba. Kodwa, futhi nje ukhathele futhi ukhandlekile, futhi eya eKhaya.

7 Futhi kungokwenjabulo, futhi ngaleli—leliVangeli elikhulu engilishumayelile, engikholelwa kulo manje. Akusebenzi nje kuphela lapho i—lapho kubangela okuthize kube nofa,

Kusebenza lapho kunezinkathazo, futhi. YiNduduzo yami. Futhi ku . . . Angikholwa ukuthi umama wami angake afe, ngoba unokuPhila okuPhakade, niyabo. "Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Ophila akholwe yiMi, akasoze afa." Manje, iNkosi yami yakusho Lokho, futhi ngibambelela kulawomaZwi. Nakuba sonke sihamba sehla sidabula esigodini, yilabo . . . Njengomelusi wethu oligugu, kulentambama, wezwakalisa phezu kwakhe; lawa akhandlayo, amahora adonswe ngaphandle, awokugcina lapha emhlabeni.

8 UNkk. Fordyce, omunye umngane wethu, olele eduze kwakhe ngqo, efa, enenkathazo yenhliziyo. Futhi izikhathi eziningi, ngaphesheya komgwaqo, siye saletha, sathenga imifino emincane nezinto ezivela enenekazini. Lalihlala phandle lapha ezweni ngakwaZurschmiede. Futhi ngingazi ukuthi bekuyilo, ngaze ngalibuka kahle, linamashumi ayisikhombisa nanhlanu noma amashumi ayisikhombisa nesithupha. Futhi belinodadewabo ababili abadala phakathi lapho, ukuba balivakashele. Futhi lapho selihambile, ngaya ngale, lathi, "UnguMfowethu Branham, umvangeli na?"

Futhi ngathi, "Yebo, memu."

Futhi laqala ukukhala. Lathi, "Mina . . . lokho ngukuthi . . . ngizwile ukuthi ngumama wakho eduze kwami ngqo, ikhethini nje phakathi kwethu."

Ngathi, "Yebo."

Lathi, "Mhlasimbe sizohamba, sobabili, ngesikhathi esifanayo."

9 Ngathi, "Nkk. Fordyce, munye umbuzo engifuna ukukubuza wona, dadewethu, ngihambe ezindaweni zakho kuleyomigqa ephakeme phandle lapho, futhi ngakubona phandle lapho ugaba ngegeja, futhi usebenza kanzima; bese-ke ngikubona uletha imifino yakho futhi uyithengise edolobheni lonke, bese ubuyela emuva." Ngathi, "Okungukuthi, uziphilise ngokwethembeka; kodwa uyayazi iNkosi yami, njengoMsindisi wakho na?"

Wathi, "NgiyaMazi, njengoMsindisi wami. Ngethembele emseni waKhe," wathi, "ukuba angehlise esigodini sethunzi lokufa."

10 Ngathi, "Umama angahle angakwazi ukuhamba nawe ezansi ukwedlula lapho, kodwa Uzokwenza." Ngakho, saba nomkhuleko. Futhi wavele wabambelela esandleni sami ngaze ngacishe impela ngadingeka ngisuke, ukuba ngiphume.

11 Ngaphesheya kwekamelo nje, uNkk. Gaither khona phezulu lapha, omunye umama omdala, wahamba ukuba abe neNkosi, emahoreni ambalwa nje edlule. Futhi wayenqunywe yomibili imilenze, ngenxa yesifo sikashukela. Futhi ngimazile kusukela lapho . . . Nomyeni wakhe elele phezulu lapho, nesitho esisodwa sinqunyiwe. Nezwe ligcwele usizi.

Ungafisi ingcebo yalelizwe eyize,
Ebuthuka ngokushesha kangaka,
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
Azisoze zedlula!

12 Futhi mina, iminyaka engamashumi amathathu nanye ngime emva kwedeski lapha, nasemhlabeni jikelele, njengoba ngishilo ukuthi izwe liyipulpiti lami. Khona-ke, ngizamile ukunika abantu leliZwi lokuPhila okuPhakade. Futhi yiyonanto kuphela engasiza lapho ufika ekupheleni komgwaqo. Ngakho kungani singathembela kunoma yini enye na? Yini ebesingayethemba na? Uma . . . Ngenkathi umama engitshela, ngolunye usuku, ukuthi wayeselungele ukuhamba, futhi ngahamba futhi ngakhuluma naye.

Njengoba nje ngenza uNkk. Broy, umkhwekazi wami, cishe inyanga ngaphambi kokuba ahambe, ngehla futhi ngakhuluma naye. Nokho, ngangimbhaphathizile, kanjalonjalo.

Futhi ngabhaphathiza umama wami uqobo, eminyakeni engamashumi amathathu edlule, khona ngezansi kwalapho engihlala khona manje, emfuleni, eGameni likaJesu Kristu.

13 Ngabhaphathiza uyise oneminyaka ecishe ibe yikhulu ubudala, eGameni leNkosi uJesu Kristu, emanzini anodaka. Sengiyambona umfo omdala ethuthumela manje, nezandla zakhe ezife uhlangothi, engibambe ebusweni, futhi engigona, engibuka ebusweni. Ngiyophinde ngihlangane naye ngakolunye uhlangothi. O, yebo. Yebo.

Amathemba ami awakhelwe phezu kwalutho
KuneGazi likaJesu elinokulunga;
Lapho konke okuzungeze umphefumulo wami kushiya,
Khona Uyithemba lami nokuhlala.

KuKristu, leloDwala eliqinile, ngimile;
Yonke eminye imihlabathi iyizihlabathi ezibishayo.

Kulobubusuku yisidlo, ngethembise ukuba lapha.

14 UBilly ungitshelile namhlanje ukuthi abaningi bacele izingxoxiswano. Futhi bengizobanika; kodwa ngambuza ukuthi wayezokuyeka yini ngalesisikhathi. Ngineqiniso niyaqonda.

15 Futhi ngithi nje ukuqhaqhazela kancanyana. Uyazi ukuthi ubuyoba kanjani. Kodwa, nokho, ngi—ngiyayikholwa iNkosi yami, nomusa waYo wenele. Yikho konke engikudingayo. Ngakho, ngikhulekeleni, njengoba ngidinga umkhuleko.

Futhi kwangathi uNkulunkulu anganibusisa njalo ngokucebile ngamunye wenu!

Futhi lapho wehlela ekupheleni komgwaqo, ngithemba ukuthi awusoze wazama ukwenza lokho ngaphandle kokuzalwa ngokusha.

16 Bengicabanga, njengo, uBilly lapho; Ngabamba izandla zikanina, umkami, ngenkathi edlula emhlabeni, iminyango embalwa nje ngezansi lapho umama ekhona manje. Ngenkathi ebheka ngale, futhi wayekade enesehlakalo lapho ngaphambi kokuba afe; intombazane nje, iminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala, umama wabantwana ababili. Futhi wathi, "Billy, ukhulumile ngaKho, ushumayele ngaKho, kodwa," wathi, "s'thandwa, awazi ukuthi Kuyini. Kukhazimula kanjani!" Sasisanda kuthola lendlela enhle yeVangeli elidala ngaleyonkathi. Wathi, "Hlala naKho, Billy. Hlala naKho! Ungalokothi uKushiye. Kuyakhokha ngalelihora."

Futhi ngathi:

> Ngizohlangana nawe ekuseni, ngasekungeneni okukhanyayo, okucwebezelayo,
> Lapho zonke izinsizi sezikhukhulekile;
> Ngiyobe ngimi ngasekungeneni, lapho amasango evuleka kakhulu,
> Ekuvalweni kosuku olude lokuphila, olukhandlayo.

Yilokho-ke. Ngiyakukholwa lokho ngakho konke okukimi. Ngiyakukholwa lokho. Ngethemba ukuthi ngingahlangana ngamunye wenu, ngalokho kusa.

> Nizongazi ekuseni, ngokumamatheka enginakho.

Njengoba uMfowethu Neville kanye babo esho, ehubweni:

> Ngiyohlangana nawe ekuseni, kulowoMuzi owakhiwe waba nezinhlangothi ezine.

Kuyikho ngempela nje njengoba kungaba njalo!

17 Ngaqaphela, ngikhuphuka, izinsuku ezithi azibe mbili ezedlule, ngivela esibhedlela, kunethende eligxumekwe ezansi lapha e—esiteshini sikaloliwe iPennsylvania Railroad. Kuse, phakathi, ngiyakholwa, phakathi kuka 9th no 10th Street, ezansi lapha ukusuka eSpring, kukhuphuka, kukhona i (washo) isayini: "inkonzo yesipho." Angimazi umfowethu. Angazi njengokuthi ngake ngahlangana naye. Kodwa ungumfowethu, futhi ulapha edolobheni, ebambe umhlangano. Futhi ngiyazi—ngiyazi ukuthi kusho ukuthini ukungena edolobheni, futhi mhlampe idolobha elingangalobu bungako, futhi kungekho . . . omunye egodlile. Angimazi. Futhi akakaze angicele ukuba ngisho lokhu. Kodwa ngi—ngikholwa ukuthi bekuyoba kuhle ngempela uma nonke nina bantu, nifuna ukuya ndawondawo, uma beniyokwehla, uzwe umfowethu eshumayela iVangeli. Ufanele abe ngomunye wabantwana bakaKristu, kungenjalo ubengeke aphume agxumeke ithende lakhe, kulesi esipholile, isimo sezulu sikaSeptemba, ezama ukwenzela iNkosi yethu okuthile. Ngakho, kuleliviki, ngivakashela umfowethu ezansi lapho, futhi ngimlalele eshumayela.

Futhi, manje, ngicabanga ukuthi bekuyizo zonke izimemezelo, lokho ebengifanele ngikhulume ngakho.

18 Kodwa ngempela ngifuna ukusho lento eyodwa. Ngiyakuthakasela konke ukuma kwenu. Esimweni sezulu esinjengalesi, nezikhathi ezinjengalesi; futhi uza ebandleni elidadlana, bese uhlala lapha. Bengingenzani ngaphandle kwakho na? Yini ebesingayenza ngaphandle komunye nomunye na? Leli yihora lokunamathelana ndawonye.

O, bayovela eMpumalanga naseNtshonalanga,
Bayovela emazweni akude,

19 Bengifuna uMeda noMabel bangiculele lelo kulokhu ukusa. Kodwa, kusobala, abakwazanga ukukwenza kulelihora. Lelo kwakuyiculo abangiculela lona ngenkathi ngiqala ohambweni lwami lokuvangela, cishe eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule. Nilizwile iculo.

Ukudla idili neNkosi yethu, ukudla njengesimenywa saKhe;
Zibusiswe kanjani lezizihambi!
Zibheka ubuso baKhe obungcwele
Bukhazimula ngothando lobuNkulunkulu;
Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waKhe,
Njengamatshe ayigugu emqheleni waKhe ukuba akhanye.

20 Manje, kulokhu ukusa ngidingeke ngiphuthume ngiphume ngqo. Futhi mina. . .Umama wayelulamile. Wayesecishe nje acindezeleke ekuphefumuleni. Wayengasaphefumuli, cishe impela, nhlobo, ngenkathi bengibiza. Kodwa, ngandlela thize, walulama futhi, futhi waqala ukuphefumula futhi. Akazi. Kodwa Wamgcina ephila ngenkathi ngisashumayela, futhi wamgcina isikhashana. Futhi ngethemba ukuthi Uzokwenza manje ngiselapha kulobubusuku. Manje, ngiyabonga, ngomusa kakhulu, ngemikhuleko yenu.

21 Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje sisakhuleka. Sisakhothamise amakhanda ethu, ngi—ngifuna ukunibuza umbuzo onesizotha ngempela. Futhi ngithemba ukuthi anikhubeki ngami ngibuza lokhu; kodwa ngokwazi, njengoba ngazi manje, ngiqonde lokhu kwabancane nabadala. Nina mantombazane amancane, nifanele nize ngolunye usuku lapho umama elele khona kulobubusuku, nina zinsizwa. Sonke siyazi ukuthi sifanele size kuleyondawo.

22 Futhi uma ungaqinisekile ngempela ukuthi usukulungele ukuhlangana noNkulunkulu, ungavele nje uziphakamise izandla zakho, ngenkathi kungekho-muntu obukayo, kuNkulunkulu, futhi uthi, "Nkulunkulu, ngikhumbule"? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu anibusise, ndawo zonke. "Ngikhumbule, O Nkulunkulu, ngifanele ngehlele lapho lapho mhlawumbe ngiyoquleka khona, nami. Kodwa

ngifuna ukuqiniseka ngaphambi kokuba ngihambe, futhi ngenkathi ngisekahle engqondweni yami, ukuthi umphefumulo wami umiselwe uNkulunkulu. 'Futhi ngiyakuhamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi, ngokuba Wena unami.'"

23 Manje, Baba waseZulwini, njengoba siletha, ngokukholwa, ezandleni zami, kulobubusuku, lemiphefumulo eyigugu ephakamise isandla sayo manje nje. Ngiyabaphakamisa phambi kwesiHlalo sobukhosi somusa waKho nesihawu. Futhi ngokwazi lento eyodwa, Baba, kungahle kube nabantu abagulayo lapha, kungahle kube nabantu abacindezelekile. Kodwa, Nkulunkulu, akukho namunye wabo onesidingo njengalaba abaphakamisa izandla zabo. Ngokuba bayakwazi lokho, akunandaba noma ngabe baphulukiswe ekuguleni, bazophila isikhathi eside ngokwenele, mhlawumbe bazophinde bagule futhi. Kodwa, O Nkulunkulu, lapho bake bamemukela loMsindisi obusisiwe futhi banokuPhila okuPhakade, futhi bazalwa ngokusha, akukho lutho, khona-ke, olungake lubehlukanise noNkulunkulu. Baba ngabantwana bakaNkulunkulu, futhi abasoze baphinde bahlukaniswe. "Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, futhi akasayikuya ekulahlweni." Isithembiso esinje pho, Nkosi! Singawugxilisa kanjani okwehange umphefumulo wethu khona lapho! Akunandaba ukuthi isiphepho sivunguza kanzima kangakanani, akunandaba ukuthi amagagasi abonakala ephambene kanjani, "ukukholwa kwami kubheka kuWe, Wena Wundlu laseKalvari, Msindisi wobuNkulunkulu!" Manje bathathe kulobubusuku, O Nkosi Nkulunkulu, bangene emiseni yaKho nokunakekela. Sindisa umphefumulo wabo khona manje. Kwangathi banga—kwangathi bangasuki kulesisakhiwo, kulobubusuku, kuze kuthi lokho "kuthula okudlula ukuqonda" kungene enhliziyweni yabo. Ngingenzenjani, Nkosi, emva kokuba sebephakamise isandla sabo, kodwa ngiphakamisele iphimbo lami kuWe, futhi ngikhale, "O Nkulunkulu, yiba nomusa"? Siphe lokhu, Baba.

24 Ngokuba kuleminyaka eminingi Ongisindise ngayo, nasemasimini nasemhlabeni jikelele, Ngibabonile labo befika ekupheleni kwendlela, ababengakwazi Wena, futhi ngizwe labo abakhalela umusa. Futhi ngibabonile beza labo abebeKwazi, becula, "Usuku lwenjabulo, usuku lwenjabulo, selokhu uJesu ageza izono zami!" O, yebo. Omubi enabise okomsedari, izikhathi eziningi; kodwa lapho efika ekupheleni komgwaqo, kwehlukile.

25 Kwangathi kungebebikho muntu omubi phakathi kwethu kulobubusuku. Kwangathi bonke bangathethelelwa zonke izono. Futhi kwangathi wonke umuntu ophakathi lapha angamukela ukuhlunyeleliswa nobusha obuvela kuNkulunkulu. Ngokuba, Baba, sisemngceleni nje manje wokuthatha isidlo, lowo ongcwele, umyalo ongcwele Osishiyele wona. "Lokhu kungumzimba waMi owahleshulelwa nina. Leli yiGazi

leTestamente eLisha, isitsha sezibusiso. Njalo nxa nisidla futhi nisiphuza, nimemezela ukufa kweNkosi ize Ifike."

26 Nkulunkulu, siyakholwa ukuthi Uyeza. Siyakholwa ukuthi uJesu uzofika, futhi sizoMbona, Lowo omkhulu okhazimulayo. Futhi konke ukuguga kuzodlula, futhi konke i . . . zonke izinsizi nobuhlungu benhliziyo, nokugula nento kuzoshabalala. Ezweni elisha elikhulu kusasa, sizoqhuma, Nkosi, ngokukhala nokumemeza kokunqoba. "Ukuzulazulisa kwesundu ngohosana abakhulu, njengeNkosi iyakuthatha isiHlalo saYo sobukhosi." Sibheke lelohora.

Manje siduduze nathi, Nkosi, ngeZwi laKho, kulobubusuku. Khuluma kithi lezizinto eziduduzekayo, ukuze Liduduze izinhliziyo zethu.

27 Futhi ngikhulekela umama. Nkosi Nkulunkulu, nguye kuphela umama engike ngimazi. Futhi ngandlela thize noma enye, akunandaba ukuthi inkosikazi inomoya omuhle kanjani, ingaba nomoya omuhle njengoba ingaba nomoya omuhle, kodwa akuthathi indawo kamama; lowo mu-oki omdala onabile, Nkosi, ogxilile futhi wazinza, lapho ungehla futhi uhlale phansi eceleni kwakhe, futhi ukhulume naye. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Awuyikumvumela ahlupheke. Ngokuba kwephula inhliziyo yami, Nkosi, lapho ngicabanga ukuthi uyahlupheka. Mdedele nje ahambe ehle adabule esigodini sethunzi lokufa, engesabi okubi.

28 NgiKubonga kanjani! Esikhashaneni esedlule, ngenkathi wayengalazi ngisho negama lakhe uqobo, ngenkathi ngithi, "Jesu," unikine ikhanda lakhe, ubeMazi. NgiKubonga kanjani ngalokho, Nkosi! Nodokotela ethi, "Uqulekile. Akazi lutho." Kodwa ngisho noma wayengazi lutho, nokho, yena (owalapha kulomhlaba), ubekwazi Wena, Nkosi. Ngijabula kakhulu ngalokho! Kuphumuza umphefumulo wami.

29 Awukhulumanga encekwini yaKho ngokuhamba kwakhe. Awudingi ukuba ukhulume nami, Nkosi, ngakho. Kodwa ngifisa sengathi ngangazi kuphela, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzovele nje . . . Noma ngabe kuyini, Nkosi, ngikunikela ezandleni zaKho. Mayenziwe intando yaKho.

30 Futhi manje, Baba, busisa amaZwi kulobubusuku, uMlayezo, ukufundwa kweZwi, ukuculwa kwamahubo, ukuthathwa kwesidlo. Kwangathi konke kungaba sodumweni nenkazimulo yaKho, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Sinamaduku lapha azokhulekelwa. Futhi ngizowathola kamuvanyana nje, ngenkathi sisesemkhulekweni.

31 Asiphenye, kulobubusuku manje, okokufundwa kweZwi. Futhi ngizozama ukusheshisa ngakho konke engingakwenza, ngoba kukhona labo abahlezi phezulu, bengilindele ukuba ngiphumele lapho; futhi—futhi bekhathele, bekhandlekile.

32 Ngingathanda ukuqala ngesahluko 14 sikaJohane oNgcwele. Futhi asiqale e—asiqale evesini 12. Nendaba yami kulobubusuku ithi: *UMduduzi*. Futhi manje njengoba sifunda, lalelisisani ekufundweni. UJohane oNgcwele 14, siqale nge 12.

> *Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo mina naye uyakuyenza; futhi uyakuyenza imisebenzi emikhulu kunale; ngokuba ngiya kuBaba.*
>
> *Nanoma yini* eni*. . . cela egameni lami, ngiyakukwenza, ukuba uBaba akhazimuliswe eNdodaneni.*
>
> *Uma* nicela *utho ngegama lami, ngolwenza.*
>
> *Uma* ni*ngithanda, gcinani imiyalo yami.*
>
> *Ngiyakucela kuBaba, aniphe omunye uMduduzi, wokuba ahlale nani phakade;*
>
> *Ngisho uMoya weqiniso; izwe elingemamukele, ngokuba lingamboni, lingamazi: kodwa* ni*yamazi; ngokuba uhlala nani, ekini.*

Ngingathanda, uma ningakuxolela, ukuba mina ngifunde lelivesi le 17 futhi.

> *Ngisho uMoya weqiniso; izwe elingemamukele, . . .*

"Izwe." Inqobo nje uma uthanda izwe, awusoze waWemukela. Niyabo?

> *. . . ngoba lingamboni, . . .*

Akunandaba ukuthi Wenzani, izwe alikuboni. Abakukholwa. "Kungamadlingozi, isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo," niyabo, kubo.

> *. . . lingamboni, lingamazi: . . .*

Manje lalelani, lo "Yena" Akhuluma ngaye:

> *. . . kepha niyamazi; ngokuba uhlala nani, . . .*

Manje, uJesu.

> *. . . futhi uyakuba nani.*

33 Akucacile lokho na? Ubani-ke loMduduzi na? UJesu. Niyabo? Wathi, "Ngiyokhuleka kuBaba, Uyonithumelela omunye uMduduzi, ngisho uMoya weQiniso; Lowo izwe elingemamukele, ngokuba lingaMazi, lingaMboni, noma, liMbone, aliMazi. Kodwa niyaMazi!" Niyabo, Ukhuluma ngaYe uqobo. "NiyaMazi, ngokuba Uhlala nani, emzimbeni wenyama manje," ekhuluma kubafundi, "futhi uyakuba kini; futhi uyohlala kuze kube phakade, akasoze asuka."

34 O, Akayena yini uNkulunkulu olungileyo na? UJesu, ulunge kakhulu kithi! Futhi kuvezwe kahle, ukuthi, "UNkulunkulu wethu unguNkulunkulu olungileyo." Muhle kakhulu kubantwana baKhe! Usihlinzekele konke okuhle.

Konke esikudingayo, Ukuhlinzekele. Qiniso ubungathi, "Baba wethu, OseZulwini," ngoba UnguBaba. Futhi nakuba singaba ngabangalaleli, nakuba siba ngabazidlayo, Usasihlinzeka ngokufanayo nje. Noma ngabe silungile noma ngabe sibabi, Usinika ukudla ukuba sidle, izingubo zokugqoka, indlu yokuhlala. O, Muhle kakhulu!

35 Uma nje besingaqalaza futhi sibale izinto ezinhle Ayizo kithi! Asimi ukuba sinake lokho. Ukuba-ke ubungenamehlo na? Ukuba-ke ubungenakhala, ubungenamlomo, ubungenazindlebe na? Ukuba-ke ubungenazinyawo noma izitho, futhi wangakwazi ukuhambahamba na? Kodwa wena . . . Kodwa, niyabo, Wakunika izinyawo. Ukuba-ke ubungenamehlo futhi ungakwazi ukubona; futhi, nokho, wawungayizwa imisindo, kodwa wawungazi ukuthi yayiyini na? Manje, lezo zisemizweni emihlanu Ayihlinzekayo.

36 Kodwa manje-ke, uma nje sizohlala sisondele kuYe, Uzosihlinzeka ngenye into. Lokho ngukubona, ukuthi singabona lokho umuntu ojwayelekile angakuboni neze. Lapho sizalwa ngokusha, siyaMbona. Niyabo? "NiyaMazi. NiMbonile. Uyohlala nani kuze kube phakade." O, UnguBaba olungileyo. Ungu— UnguMthombo wokulunga, umthombo omkhulu wakho konke ukulunga nobuBaba ungokaNkulunkulu wethu. Muhle kakhulu kubantwana baKhe abakholwayo! Kodwa manje mhlasimbe . . .

37 Into eyodwa Asihlinzeka ngayo, ukukhanya kwelanga. O, kukanjani lokho . . . Niyazi, ubungeke uphile ngaphandle kokukhanya kwelanga. Ubungeke uphile kodwa isikhashanyana, ngoba bekungebebikho lutho olukhulayo. Futhi ukukhanya kwelanga kuyinto enkulu kakhulu futhi edingeka kakhulu, nokho siyabuka nje bese sithi, "O, yilanga," bese sihamba. Niyabo, siyakweqa kakhulu. Kodwa lokho kukhanya kwelanga kubalulekile empilweni yethu. Kuyasisiza, futhi kusinika amandla. Futhi, manje, lokho kukumuntu wemvelo.

Bese kuthi-ke kukhona ukukhanya kweNdodana kokomoya esingaphila kukho.

38 Konke okwemvelo kuyimifanekiso yokomoya. Njengoba besinokudla okuhle esikudla etafuleni, kungumfanekiso woKudla okuhle esikudlayo eZwini. Niyabo, kungumfanekiso nje. Kungukuzwakalisa kwangaphandle (ingxenye yomzimba) yengxenye yokomoya, okusho okukhulu kithi kunengxenye yomzimba. Niyabo?

39 Kufana nengane encane nje. Lapho ingane encane ikhulelwa esizalweni sikanina, iyinyama negazi nje, igxuma, iqhaqhazela. Kodwa, ithi nje ingazalwa, awuyiboni, kodwa kukhona umoya nomphefumulo okulenga eduze kwalowomama, ukuba ungene kuleyongane ngokushesha nje lapho izalwa. Ngokushesha nje lapho leyongane izalwa, uNkulunkulu udale umphefumulo

futhi wadala umoya, ukuba ube kuleyongane ngokushesha nje lapho izalwa kulomhlaba. Leyongane encane iyavuthwa futhi iqala ukufunda, khona-ke iba ngumphefumulo ophilayo futhi iyazi ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile. Khona-ke isine, njengo-Adamu no-Eva nje, yabekwa phambi komuthi wokulungile nokungalungile. Yenza ukukhetha kwayo. Bese kuthi-ke iba nobuhlakani. Iyakhula ngaso sonke isikhathi. Ngumnotho omkhulu kaNkulunkulu.

40 Futhi ekugcineni kwehlela ekupheleni komgwaqo, ngalomzimba wenyama. Futhi njengoba nje lomzimba uwohloka futhi uyahamba, ukhona owodwa olungiselelwa ukuwemukela. Uthi nje ungasuka lapha, lomphefumulo okithi manje nalomoya, ushiya lomzimba, bese uya komunye; omncane, omuhle, ongcono, lowo ongeke uguge, lowo ongayikudlula. Ngani, UnguNkulunkulu olungileyo! Kodwa, impela Unguye!

41 Kodwa manje, thatha okwesibonelo nje, ukuba-ke umuntu owazi ngokukhanya kwelanga, futhi kukhanya, bese-ke enqaba nje ukuvuma lokho kukhanya kwelanga na? Wathi, "Angikukholwa nje." Futhi wehlela ekamelweni lakhe elingaphansi, futhi avale umnyango, futhi nje uyenqaba ukwazi ukuthi ilanga liyakhanya. "Angikukholwa."

Omunye wathi, "O, kufudumele. Kunempilo. Abantu abaphila ekukhanyeni kwelanga banombala, futhi baphile kakhudlwana uma behlala ekukhanyeni kwelanga."

42 "Angikukholwa," uyosho, azivalele nje. Manje, lowomuntu usesimweni esidabukisayo. Kukhona okungalungile ngamandla akhe engqondo, uma umuntu enza lokho.

43 Futhi uma umuntu ezozivalela yena uqobo ekukhanyeni kweNdodana kaNkulunkulu kokomoya, kukhona okungalungile ngesimo sakhe sokomoya, ngokuba, lapho umuntu enqaba ukuhamba ekuholeni kukaNkulunkulu olungileyo, njengoNkulunkulu wethu, OyiNduduzo yethu naMandla ethu. Futhi, ukuhlala ekuKhanyeni kwaKhe, ngukukhula ngokomoya. Kungamandla okomoya ukuhlala ekuKhanyeni kweNdodana yaKhe, ukukhanya kweNkazimulo yaKhe! Ngani, kuyinhlanhla enkulu kunazo zonke esinayo, ukuphila ngaphansi kokuKhanya kweNdodana yeNkazimulo kaNkulunkulu. Bukani amahle, amaKristu aphilile!

44 Thatha indoda noma owesifazane oyozibeka phansi ekamelweni elingaphansi, futhi engakuboni ukukhanya kwelanga, ukukhanya kwelanga kwemvelo uNkulunkulu amhlinzekele khona, kodwa uyenqaba ukukukholwa. Futhi, ngenxa yobugovu, uzivalela ngaphandle. Leyondoda masinya izoba ngephaphathekelwe igazi, izophaphatheka, ingeke ibe namandla amahle, ngeke ibe nempilo, futhi masinya izo... ngenxa yokuthi isizivalele yona yasuka kuyo impela inhlanhla uNkulunkulu ayinika yona. Kunjalo. Ikwenze ngamabomu.

45 Khona-ke uma sizivalela thina uqobo saqhela eNkazimulweni kaNkulunkulu, embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, noma inhlanganyelo kaMoya; into yokuqala niyazi, siyaphaphatheka, amaKristu agulayo. Isehlakalo sethu siyakhula, sifiphele. Futhi lapho kufika izivivinyo ezinkulu, siyashwabana futhi sibuyele emuva.

46 Kuthatha lelobutho eliphile ekuKhanyeni kweNdodana kaNkulunkulu, kuthatha lowomoya owazi uNkulunkulu, lapho kungekho-gagasi lokungabaza; bangama phakathi kwenkathazo, futhi bamemeze, "UMhlengi wami ukhona!" Haleluya! Yilokho-ke, niyabo.

47 Siyazivalela. Futhi bayakwenza, ngokuzenzekelayo, sikwenza ngenxa yokuthi sifuna ukukwenza. Kodwa uNkulunkulu muhle, Uyasihlinzekela khona. Kodwa abaningi kakhulu namhlanje abafuni ukungena kuleyondawo enempilo noNkulunkulu, umKristu ophilile, onomoya ophilile. Impela ubungabuthanela umzimba ophilile, noma ubani ubengakwenza. Awu, lowomzimba, akunandaba ukuthi ufaka impilo engakanani kulowomzimba, ubuyela othulini.

48 Kodwa, o, mfowethu, lowomphefumulo awukwazi ukuba nempilo kakhulu. Futhi njalo lapho ukhula, ukhula emandleni nasemuseni nasemandleni kaNkulunkulu. Sidinga ukuhamba ekukhanyeni kweNdodana kaNkulunkulu, ngoba Ilungile.

Sinefa elikhulu, ukwethenjwa okukhulu okungcwele esinikwe khona.

49 Ungahle uzibuze manje, "Mfowethu Branham, ukhuluma ngokukhanya kweNdodana, ukukhanya kweNdodana okukhulu kweNkazimulo kaNkulunkulu, ukwenza imimoya enempilo, ukusenza amaKristu aqinile na?" Yilokho esikukhonela lapha kulobubusuku, ngukuthola: "Sizithola kanjani lezozinto na? Zivelaphi na? Ziyini na? Ngikhombise ukuthi kuyini, Mfowethu Branham. Ngingakuthenga ekhemisi na? Kuhlobo luni lwevithamini na?"

50 AwuKuthengi ekhemisi. Kodwa kunenqwaba yaKho esondele ngqo kuwe, uma nje uzoKwemukela. Kungukwazi nje indlela yokwenza, ukuthi uKwemukela kanjani.

Kukhona imithi ekhemisi, kodwa kuzofanele kube nodokotela ozoxilonga udaba. Uma bengazange, kungahle kukubulale wena.

51 Ngakho, ngakho-ke, ufanele ube nokuxilongwa kodaba. Ungeke nje uhambe futhi uthathe isoni futhi usinike uMoya oNgcwele. Sizofanele siphenduke, kuqala. Sifanele sigezwe, kususwe izono zaso. Sifanele silungele leliVithamini elikhulu elizonikwa sona.

52 Manje, sinemali esisiwe engcwele. Niyazi ukuthi yini imali esisiwe. Futhi sinefa, ifa esilidla ifa, njengabantwana

abakholwayo. Imali esisiwe engcwele. Futhi leyomali esisiwe engcwele nefa lethu elingcwele yiZwi likaNkulunkulu esinikezwe lona, iZwi likaNkulunkulu eligcwele. IZwi qobo lwaLo liyiVithamini, iZwi qobo lwaLo, iZwi likaNkulunkulu!

53 Yilapho-ke, isizathu sokuba ngibe nemfundiso engaphikiswa kakhulu, njengoba bengingakubiza kanjalo, ekumeni kuleliZwi! Akunandaba ukuthi noma yini enye ithini, uma ingahambisani neZwi, khona-ke angikukholwa; niyabo, ufuna ukukukholwa, kulungile. Kodwa, kimi, kuthatha iZwi, ngoba, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka." Ngakho-ke, kuthatha leloZwi!

54 Ngiphila ngeZwi. UJesu wathi, "Kulotshiwe, 'Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.'" Futhi KuyiLokhu! Futhi Lokho siphiwa thina njengefa. Yifa lethu, iZwi!

O Nkulunkulu, masicabange ngaLo e—ekujuleni kwaLo.

55 Kuyi—kuyinhlanhla yethu. Yilokhu kwethemba okungcwele uNkulunkulu akubeke eBandleni laKhe. UNkulunkulu wanikela iZwi laKhe eBandleni laKhe. Nalelofa elingcwele lingelethu. Yisipho esivela kuNkulunkulu. Hhayi nje ukuxegisa ku*Lokhu*, futhi unqamule *Lokhu*, futhi uphonse *Lokhu* ngaphandle, futhi wenezele *lokhu* phakathi, ukufanela ukunambitha okungokwethu; kodwa ukushumayela iZwi eligcwele, lonke iVangeli. Sibophezelekile, njengamaKristu, ukuLithatha futhi siLikholwe. Lapho sazi, "Uma izinhliziyo zethu zingasilahli, khona-ke siyazi ukuthi sinomusa kuNkulunkulu."

56 Kodwa lapho sazi ukuthi sedlula Into ethize, lelofa elithize elikhulu elingelethu, ukuthi siyaKwedlula, ngoba ibandla lethu lathi "Abakholelwa kulokhu namhlanje, akusikho okwethu namhlanje." Uma sedlula Lokho, khona-ke sona ifa lethu.

57 Sonke singamaMelika, ngicabanga kanjalo, e—e—ebandleni kulobubusuku. Sonke siyizakhamizi zaseMelika. Siyabonga ukuba ngumMelika. Kodwa, nokho, kwenzekani efeni lethu laseMelika na? Kwakuyini na? Siqala ukuxegisa. Futhi kuthi nje singaxegisa, silahlekelwe ubungcwele befa lethu, ngoba siyaxegisa. Sigijimela ukuba omongameli kane, lokho kwephula u—u—umthethosisekelo. Futhi senza izinto namhlanje. Futhi thina ngisho. . . Kulemitha encane yokupaka esinayo emgwaqeni, lokho kuphambene nomthethosisekelo. Ayikho into enjalo kumthethosisekelo. Kuphambene nomthethosisekelo, nokho siyakwenza. Futhi senza zonke izinhlobo zezinto ephambene nemigomo lesisizwe esasekelwa phezu kwayo. Senza konke okuphambene, ngakho silahlekelwa yifa lethu. Ngoba ini na? Saxegisa phezu kwemigomo okwakusekelwe kuyo.

58 Nkulunkulu ngisize, uNkulunkulu anisize, njengamaKristu, ukuba singalokothi sixegise nelilodwa iZwi leZwi likaNkulunkulu! Ngokuba lesi sikhwama somnotho esingcwele sanikezwa iBandla, futhi kuyinto enhle kakhulu ukuba naleliVangeli, iVangeli eligcwele; ukuLishumayela, ngaphandle kokuxegisa noma yikuphi. Lishumayele njengoba Lilotshiwe. Liphile njengoba Lilotshiwe. Imali esisiwe engcwele kanje pho!

59 Futhi uma sike silindele leliZwi ukuba lize lifezeke, uma sike silindele uNkulunkulu ukuba agcine iZwi laKhe, sifanele sihlale naLo ngendlela nje uNkulunkulu aLiloba ngayo. Yingalesosizathu, uma uhlala naLo ngendlela uNkulunkulu aLiloba ngayo, kuyobakhona zonke izinhlobo zezinto ezenzekayo phakathi kwenu, lonke iZwi lizogcwaliseka.

Ngiphansi kwamathemba khona manje, qobo lwami, ngokubona amandla azamazamayo eza, azonyakazisa izizwe masinya impela.

60 UNkulunkulu angake athole abantu ngaphansi kokulawula kwaKhe uQobo, uma Ezothola owesilisa noma owesifazane ongeke axegise eZwini laKhe, kodwa ozoma lapho njengeDwala lemiNyaka, ozokholwa lonke iZwi laLo, futhi akholwe ukuthi Usemva kwaLo. Futhi indoda eLikholwayo, ufanele uziphathise okwaLo. Uma ungaziphathisi okwaLo, khona-ke awuLikholwa. Kodwa, uma uLikholwa, ziphathise okwaLo! Futhi ungaLenza lisebenze, neZwi lizoba kuwe.

61 Silahlekelwe yifa lethu ngenxa yokuthi si—siyaxegisa nje. Futhi lapho sixegisa, khona-ke singeke salindela uku... uNkulunkulu ukugcina isithembiso saKhe kithi; ngoba sigqekezile phezu kwemali esisiwe engcwele, futhi sangcolisa imali esisiwe uNkulunkulu asinika yona. Masigcine leyomali esisiwe; siyigcine ingcwele, siyigcine ingcwele. Gcina lonke iZwi laLo, futhi ungaxegisi ndawo. Thatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi uLikholwe. Ziphathise okwaLo! Yima kuLo! Unganyakazi! Yilokho esifanele sikwenze. Yilokho uNkulunkulu akufunayo.

62 Njengoba ngishilo kulokhu ukusa eMlayezweni, eMlayezweni wethu kulokhu ukusa, ngikhuluma ngokuthi, "Kusifanele," noma, "Kusifanele ukuba sigcwalise ukulunga konke." Kukithi, kulowo iZwi elilethwe kubo. Kukithi, ukuthi sihlale naleloZwi. Futhi, njengoba sihlala naLo, sibona uNkulunkulu esebenza phakathi kwethu. Ngakho, kusifanele, ukuhlala naLo. Yifa uNkulunkulu asinike lona.

63 Asibuyele emuva imizuzu embalwa nje, futhi sithole lawomadoda agcina okukhulu kukaNkulunkulu, imali esisiwe engcwele. Lelo kwakuyiZwi laKhe. Yilokho esikudla ifa, yiZwi. Nasesikhathini sokuhlupheka, ngesikhathi sokudideka, esikhathini sosizi, ngesikhathi sezikhathi ezinzima, bathola induduzo ekugcineni iZwi.

64 IZwi liyiNduduzo kaNkulunkulu. Lapho wazi, futhi ungahamba wehlele ngisho nasesigodini sethunzi lokufa, futhi wazi ukuthi uNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu washo njalo!

Ungeke wathi, "Awu, umelusi wakusho," noma, "Ibandla lakusho."

65 Ungathi, "UNkulunkulu washo njalo!" Leyo yinduduzo esiyitholayo. Yilapho engingathola khona induduzo manje. Yilapho owathola khona induduzo yakho. UNkulunkulu washo njalo! "Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Ophila akholwe yiMi, akasoze afa. Uyakholwa yilokhu na?" Niyabo, Kuyinduduzo. Kuyinduduzo esiyitholayo.

UNowa. Ngikhulume ngaye, ngiyakholwa, kulokhu ukusa. Induduzo afanele ukuthi wayithola, nakuba ephakathi kokugxekwa! Impela.

66 "Uma izwe lingenakuMemukela," uJesu washo njalo, "ngoba aliMazi. Kodwa niyaMazi, futhi niMbonile. Futhi Uhlala nani, futhi uyakuba kini."

67 UNowa wayehlangane noNkulunkulu. Wamuzwa uNkulunkulu. WayeneZwi likaNkulunkulu. Ngakho akwenzanga mehluko ukuthi ubani omunye wathini, uNowa wayeneZwi likaNkulunkulu! Ngakho, Kwakuyinduduzo kuye, ngenkathi abagxeki efika, wayeqhubeka nababekwenza, emgxeka. Nesayense, ithi, "Angawa kanjani amanzi ezibhakabhakeni, lapho engekho phezulu lapho na? Singafakazisa ukuthi akukho-manzi lapho. Uluhlanya, Nowa! Ngani, ngingafakazisa kuwe ukuthi uluhlanya. Buka lapha, aphi amanzi na? Ngikhombise!" Bangahle ukuba babenezibuko ezazikwazi ukubona iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya, njengoba sinazo namhlanje, nakuba nazi ukuthi lalingakaze line. Kodwa nokho, uNowa waduduzwa, ngoba wayenesithembiso sikaNkulunkulu. Amen.

68 Wenzani na? Wahamba akha umkhumbi. "Kuwubuwula obungaka!" Lapho, mhlampe, sasingakaze sibekhona isikebhe. Kwakungekho machibi nemifula, nezinto, ngalezozinsuku, ngakho babengasidingi isikebhe. Kodwa, nangu, akha into ebukeka iyize. Futhi wonke umuntu uyamhleka. Futhi kwakwenele ukumthena amandla; wonke umuntu odlulayo, wathi, "Buka phezulu egqumeni, kulolohlanya phezulu lapho! Iyini leyondlu yento ayakhayo na? Hlobo luni lwe—lwengubo oluyilo na? Futhi bukani ukuthi ukwakha ngani! Ngani, kungumbhedo!" Kodwa, nokho, induduzo uNowa ayenayo, ngoba wayeneZwi likaNkulunkulu! Kwakuyinduduzo, wayazi ukuthi uNkulunkulu washo njalo. Amen. UNkulunkulu wakusho, nalokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu washo njalo!

"Wazi kanjani ukuthi lizokuna na?"

"UNkulunkulu washo njalo!"

"Wazi kanjani ukuthi amanzi azovela phezulu lapho na?"

"UNkulunkulu washo njalo!" Leyo yinduduzo ayenayo, eZwini.

69 Ake sibhekisise umkhumbi wakhe, imizuzu embalwa, kuwuhlobo lwendlela yobuhlanya yokuwakha. Nike naqaphela ngale kuGenesisi, Wathi, "Wakhe ngomuthi wegofa"? Manje, uma uke wathatha futhi wafundisisa ukuthi isihlahla igofa sasiyini, sicishe sifane nebhalsamu. Siwukhuni olulula ngempela, futhi sifana nesipontshi nje. Konke sigcwele amangqamuzana amancane. Uma siphila, esihlahleni, sinamanzi esihlahla kuso. Futhi uthi nje ungawunquma, amanzi esihlahla aphume kuso. Ngakho, akwenzi lutho kodwa isipontshi. Manje Wathi, "Ungawakhi ngomuhle, um-oki ol'khuni. Ungawakhi ngomthombe noma ngesihlahla esiqinile sokusanhlamvu; kodwa uwakhe ngesihlahla igofa, uhlobo lwesihlahla esilula kakhulu nesisasipontshi kakhulu esingaba khona." Uma sibekwe emanzini, besiyocwila ngomzuzu. "Wakhe ngesihlahla segofa, bese uwulungisa kanjalo." Wathi ufanele ube mude kangakanani nokuthi kufanele ube mude kangakanani, futhi wathi, "Faka amakamelo kuwo; amakamelo amathathu."

70 Umfanekiso omuhle kanje pho: Ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; amakamelo amathathu. Niyabo? Futhi khumbulani, Wathi, "Faka ifasitela kuwo." Ifasitela lalingekho eceleni; laliphezulu. Niyabo? Ukulungisiswa, uLuther; ukungcweliswa, uWesley; umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nokuKhanya kukhanya phakathi! Lokho ngukukhanya kweNdodana kaNkulunkulu, esifanele siphile kukho, futhi sihambe ekuKhanyeni. Futhi khumbulani, kwiphansi eliphansi, kwakuyizinto ezinwabuzelayo; esitezi sesibili, kwakuyizinyoni; kodwa esiqongweni kwakunguNowa nomndeni wakhe, phezulu esiqongweni ukuze bakwazi ukubone, nokukhanya kwangena.

71 Manje Washo, ukuthi, "Nxa wakha lona ngesihlahla segofa, lapho uwuthola wonke wakhiwe futhi walungiswa, khona-ke Ngifuna uwugcobe, ngaphakathi nangaphandle."

72 Awu, ngangitadisha, ngoluny'usuku, kwakuyini lelikolitali na? *Ikolitali*, kithi, yi "tiyela"; ukuthi sithatha amakhemikhali futhi—futhi senze itiyela, futhi sigcobe umgwaqo e—emifantwini, kanjalonjalo, ngetiyela. Kodwa, ngalezozinsuku, kwakwehlukile. Babenesihlahla senhlaka, futhi bathatha lesisihlahla esihlala siluhlaza bese besigawula. Futhi esikhundleni so—sokuba nezinto thina, njengoba senza namhlanje, ukukhipha inhlaka, bashaya isihlahla. Futhi bashaya isihlahla kwaze kwaphuma amanzi esihlahla nenhlaka. Khona-ke babelishisa, futhi balithululele phezu kwalolugodo oluthambile lwegofa olwalugcwele i. . .njengesipontshi, futhi nje lwagcwala phama. Kwase kuthi-ke lapho selube lukhuni,

wawungeke ushayele isipikili kulo. Niyabo, lwase lulungele ukwemukela. Lokho kunjengoKristu.

73 Lelo yiBandla. Niyabo, iBandla lifanele lizithulule, futhi lithole ukubalula ngempela, likhiphe lonke ihlelo kuwe, likhiphe lonke izwe kuwe, likhiphe konke ukungakholwa kuwe, futhi usuke.

74 Futhi kwakukhona Omunye, owayehlukile kithi, owanqunywa empilweni yaKhe esencane. Futhi Wachotshozwa futhi washaywa, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu." Washaywa kwaze kwathi ukuPhila kwaKhe kwathululwa, njengenhlaka iphuma esihlahleni.

75 Futhi, o, umKristu angaLicwilisa kanjani, o, uma ungenalutho. Kodwa ufanele uthulule, kuqala. Inkathazo yakho ingukuthi, asifuni ukuthulula. Kodwa asithulule, yonke imicabango yethu, zonke izivumokholo zethu, zonke izincwadi zethu; futhi sicwilise uMoya oNgcwele, onguNkulunkulu eZwini laKhe.

76 Khona-ke lwalungakwazi ukugibela isiphepho, lwalungakwazi ukugibela izilwandle, ngoba lwalul'khuni ukwedlula noma yiluphi olunye ukhuni. Kwakungekho lutho olwalungathatha indawo yalo. Akukho okunga. . . Izingxenye zomkhumbi zisalokhu zimile; eminyakeni eyizinkulungwane eziyisithupha eyedlula, futhi bathola izingxenye zawo, ngoba usekhona; ngoba wenziwa lukhuni kakhulu, kusukela kulokhu kubhekisiswa okwagcina izahlulelo zingaphandle. Amanzi ayeyizahlulelo.

77 Futhi lapho singena kuKristu, ngokuPhila kwaKhe okushayiwe, siMcwilise enqubweni yethu. Siba ngonokolotwe kakhulu ezintweni zezwe, baze bakwazi ukumela ulaka. Lapho iziphepho zigingqika nolwandle luphambene, nokho, isikebhe esincane asehluleki. Sishelela ngqo sidabula amagagasi, siya eDwaleni lemiNyaka.

78 UNowa wayenenduduzo, ukuthi, esakha lona, ngenkathi esenza lomkhumbi, wayazi ukuthi wayeduduzekile, ngenxa yokuthi wayeneZwi leNkosi, elamtshela, "Leso yiziyalo."

79 Ukuba-ke othile wayethe, "Awusho, Nowa, uchaza ukuthini ngokwakha lokho—lokho ngesihlahla segofa na? Ngani, uyazi ukuthi lolokhuni, ukuba bekuyoba namanzi, bekuyoba yinto yokuqala ukucwila."

80 Kodwa, niyabo, uNowa wayelandela iziyalelo. WayeneZwi likaNkulunkulu, elalinguMduduzi waKhe. IZwi laliyiNduduzo yakhe. "Angiqondi ukuthi kungani uNkulunkulu engenza ngiwakhe kanje, kodwa yi*lokhu* Athi kwenze."

81 Angiqondi ukuthi kungani uNkulunkulu engenza ngenze ngendlela engenza ngayo. Angiqondi ukuthi kungani

Engangivumeli ngibambisane futhi ngenze zonke lezi ezinye izinto, futhi ngiqhubeke nebandla. Kodwa *lokhu* ngumyalo waKhe. Lena yindlela Athi wakhe ngayo.

"Uzokwenzani ngakho na?"

82 Angazi. Ngifanele nje ngibeke amapulangwe phezulu lapho, futhi ngiwabethele. Futhi lawo maPulangwe yiZwi likaNkulunkulu. Futhi nakho kulele induduzo yami, kunjalo, ngoba wakhiwa ngendlela uNkulunkulu athi awakhiwe ngayo. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo angeke aLehlule." Kunjalo. Kuyini na? "Phezu kwesambulo sokomoya ukwazi ukuthi uJesu Kristu Ungubani." Hhayi umuntu wesithathu kaziqu-zintathu; akukho ziqu-zintathu kuLo. UnguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu yedwa, ebonakaliswe enyameni. Yilapho Akha khona iBandla laKhe. "Namasango esihogo angeke alehlule." Nakuba, kwakhombisa ukuthi amasango esihogo ayomelana nawo, kodwa awasoze akwazi ukunqoba.

UNowa, impela, uNowa wayenalamazwi. Waduduzwa ngoba wayazi, akunandaba ukuthi izwe lathini!

83 Ukuba-ke omunye usonkontileka efika, futhi wathi, "Mfowethu Nowa! Uyazi, selokhu ushiye ibandla futhi wachezukela kulokhu kuthukuthela kwengane, ake ngikukhombise okuthize. Uma wakha, awuthathi ngani um-oki oqinile omdala na?"

"Um-oki ngeke ukwenze."

Wena uthi, "Awu, ngingafakazisa ukuthi um-oki uwukhuni oluqinile kunalokho lokhu okuyikho."

84 Akwenzi mehluko ukuthi um-oki uqine kangakanani; ukucacisa kukaNkulunkulu kwakuyisi "hlahla segofa." UNkulunkulu uzokwenza okuthile ngalolokhuni. Unokuthize ukuba anezele kulo.

85 Abanye babo bathi, "Pho awuzitholeli ngani ibandla lapho imihlambi emikhulu yabantu abanobuhlakani iza khona, egqoke kahle futhi elungiswe kahle, futhi angakukhokhela kahle, nezinto ezinjalo; futhi ushumayele iVangeli na? Kungani ushumayeza esigejaneni sabantu abampofu, ukuthi ubulawa yindlala uhhafu, kanjalonjalo, nakho konke kanje na?" Basho lokho kubashumayeli abamela iQiniso. Kodwa, o, mfowethu, ngeke ngakutshela! "Ngeke uthole isixuku sobuhlakani, umuntu othile owazi o-ABC babo na?"

86 Akwenzi mehluko ukuthi hlobo luni lwesixuku okuyiso. Labo ovumayo ukwemukela uKristu, uKristu wenza okuthile ngabo; yi—yilesosixuku. Yilowomuntu mhlawumbe ongabazi o-ABC bakhe; kodwa uma engabazi, uyamazi uKristu, futhi yilowo umehluko. Niyabo, aku—akusikho u—u—ukuma, igazi eliluhlaza

enizisho ukuthi ninalo. YiGazi likaJesu Kristu eli—eligxilisa okwehange kithi futhi lisivikele kuYe.

87 Ake sisho omunye nje, sisekukho. UJobe, ngiyathanda ukukhuluma ngoJobe. Ukuthi leyondoda yayinoMduduzi kanjani! Wayeyini uMduduzi wakhe na? IZwi likaNkulunkulu! UNkulunkulu wamtshela ukuthi wayezo—wayezoba ngolungileyo, inqobo nje uma wayenikele ngalowomnikelo wokushiswa. UJobe waphumula ngesizotha phezu kwalowomnikelo wokushiswa. Akunandaba ukuthi iziphepho zifika kanzima kangakanani, mangaki amathumba aqubukayo, zingaki izinto ezasuswa kuye, wayesalokhu emi eZwini likaNkulunkulu. KwakuyiNduduzo kuJobe.

88 Lapho abantu bakhe befika, amabandla, futhi azama uku—ukumbuyisa, futhi athi, "Buka lapha, Jobe, buka lapha, uyazi ukuthi wonile. Uyazi ukuthi wenze okungalungile. UNkulunkulu ubeyoke ayijezise kanjani indoda elungile kanjalo, athathe konke enakho, athathe abantwana bayo, adilize ikhaya layo, enze zonke lezizinto, futhi ephule impilo yakho na? Futhi nakhu laph'ukhona, uhlezi lapha, odabukile olusizi. Kanjani . . . Ungazithethelela kanjani, Jobe, ngokuthi a 'wusiso isoni'?"

89 Kodwa uJobe wayazi ukuthi wayengesiso isoni, ngoba wayemi eZwini! Amen. UNkulunkulu wayedinga lowomnikelo wokushiswa noku—ukuvuma, noJobe wayenze ukuvuma kwakhe futhi wama eZwini. Futhi wakhala phakathi kwenkathazo yakhe, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, Amen; ngezinsuku zokugcina Uyoma emhlabeni. Futhi noma izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyamemi yami ngiyakumbona uNkulunkulu." Niyabo, induduzo yakhe kwakuyisithembiso sikaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu.

Lelo yifa esinalo, iZwi likaNkulunkulu. Yisithembiso. Yebo, mnumzane.

90 U-Abrahama, sikhulume ngaye kulokhu ukusa. Ngithanda ukumbuyisa futhi, kulobubusuku nje, ngenzela omunye ufakazi. Yeka induduzo u-Abrahama ayenayo, lapho abantu ngahle ukuba bambiza ngohlanya. Ngenkathi yonke into ingahambanga kahle ngo-Abrahama, babeyothini na? "Uyaphi, Abrahama, nalowomfanyana na?"

"Ngiyenyuka ukuba nginikele ngaye."

"Ngani na?"

91 "Awu, uma EnguJehova, ngenkathi Ekhuluma kimi; uNkulunkulu uSomandla, uEl Shaddai, iSifuba; ngenkathi ngineminyaka eyikhulu ubudala, nomkami wayenamashumi ayisishiyagalolunye, futhi Unginika lomntwana; manje, uma lowoNkulunkulu ofanayo edinga ukuphila kwalomntwana, ngamamukela njengovela kwabafileyo, Nginethemba lokuthi

uNkulunkulu unamandla okumvusa kwabafileyo.” Ngani na? Lokho kwakuyinduduzo yakhe.

92 Niyazi uJobe wathi, ngesikhathi sakhe, “Noma Engibulala, nokho ngiyoMethemba.” Ugxilise okwehange eZwini. Wayazi ukuthi iZwi lathini, futhi leyo kwakuyinduduzo yakhe. Lokho kwakungukuhlala kwakhe, ukumamukela, ukumbamba.

93 No-Abrahama wazi ukuthi WayenguNkulunkulu. Ngakho uma indodana yakhe. . . Yayifile, eyakhe. . . Isizalo sikaSara sasifile, ubudoda bakhe babufile, futhi nokho uNkulunkulu umnika lomfana ngenxa yokuthi Wamethembisa lokho. Futhi uma iZwi elifanayo elamethembisa lokho, lamtshela ukuba “anikele ngendodana,” wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukumvusa kwabafileyo.

94 Manje, uma uNkulunkulu, Owangivusa kwabafileyo, mina isoni, ngifile esonweni naseziphambukweni; Waphilisa umphefumulo wami; Wenza okuthile kimi; Wenza okuthile kuwe; Wasusa lowomoya wezwe kimi; Wathatha lesosifiso sezwe; Wangiphakamisa ngaphezu kwalawo mathunzi; futhi Unginika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; uma uNkulunkulu wami engenza lokho, ukufa ngeke kwangehlukanisa naYe! Qhabo, mnumzane! Akukho okungangehlukanisa. Yileyo induduzo. “Okholwa yiMi, noma efa, wophila.” Kunjalo! Ngiyazi! “Odla leyo inyama yaMi aphuze iGazi laMi, unokuPhila okuphakade, futhi Ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela.”

95 Uma uNkulunkulu ubengangithatha ngenkathi ngisephansi odakeni nasesonweni, futhi angivuse, ukungenza umKristu; ukuba uNkulunkulu ubengangithatha ngenkathi ngikhungathekile futhi ngisosizini, futhi ngangisesimweni engangikuso, odabukile olusizi, futhi angivuse, ukuba anginike ithemba lokuPhila okuPhakade, nokungibhaphathiza ngoMoya oNgcwele, nokungigcwalisa ngamandla aKhe nenkazimulo; khona-ke Uyakwazi ukungidlulisa esigodini sethunzi lokufa, futhi angemukele eNkazimulweni ngakolunye uhlangothi. Ngoba Wakwethembisa, leyo yinduduzo yethu.

> Ngimi, kuKristu, iDwala eliqinile;
> Yonke eminye imihlabathi iyizihlabathi ezibishayo.

96 Abantwana bamaHeberu, ngenkathi beya esithandweni somlilo, njengoba sikhulume ngakho kulokhu ukusa, ngenkathi beya esithandweni somlilo, ukuba banikele ngokuphila kwabo, babekwenzile ukuma kwabo, njengoba sikhulume ngakho kulokhu ukusa. Kodwa kwenzekani kubo na? Bathi, “UNkulunkulu wethu unamandla.” Amen. Khona lapho bama! Bama phezu kwani na? Yayiyini induduzo yabo na? Emizuzwini embalwa babezoshiswa babe yizicucu. Isithando somlilo sasishiswe ngokuphindwe kasikhombisa kunoma sake sashiswa. Kodwa babenenduduzo! Kungani na? Sazi

lokhu, ukuthi, "UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula kulowomlilo othukuthele." Bona, induduzo yabo, yayiphumule phezu kwekhono likaNkulunkulu ababemkhonza. O, he!

97 Ukuphumula phezu kwekhono laKhe! Lelo yithemba lami nokuhlala. Ngiphumule phezu kwekhono laKhe. Ngiphumule phezu komusa waKhe. Hhayi phezu kwalokho engiyikho; lokho Ayikho. Ngiphumule phezu kwesithembiso saKhe, ngoba Wenza isithembiso futhi Wafunga esithembisweni. Futhi ngiyazi ukuthi sinokuPhila okuPhakade. Kunjalo.

98 Waphumula phezu kwalokho. Abantwana bamaHeberu bathi, "Unamandla okusikhulula. Noma kunjalo, uma Engakwenzi, asisoze sakhothamela isithombe sakho." Ngiyakuthanda lokho. Yebo, mnumzane.

99 Nakuba Engenqaba ekupheleni komgwaqo, noma yimuphi umKristu ubengathi, nakuba Engiphonsa ekwehlukaneni kwaPhakade, nokho ngiyaMthanda, nokho Ungowami. Esihogweni, ngisengacabanga ngendlela engicabanga ngayo manje, ngisazoMthanda. Njengoba iminyaka iqhubeka, ngisaMthanda; ngoba kukhona okwenzekile enhliziyweni yami, kukhona okwenzekile. "Futhi ukuba benginokuphila, noma ngibe nokuthathu; njengeNkosi uJesu Kristu, ngiyakulangazelela." Kunjalo, ngoba kukhona okwenzekile. UngukuPhila kwami. Weza kimi.

100 UMose wayazi. Ngenkathi uMose enalesosibopho sabantu abayizigidi ezimbili, ngenkathi ebahola ebakhipha eGibhithe, uzobondla kanjani na? Abantu abayizigidi ezimbili, na—nabesifazane bephethe isixheke esincane sezinkwa ezixoviwe phezu kwekhanda labo, iminyaka engamashumi amane yohambo, uzobondla kanjani na? Zingaki izingane ezingazalwa ubusuku ngabunye, eqenjini labantu abanjalo na? Bangaki abadala nabakhubazekile na? Zingaki izingubo ezizoguga na? "Ngizozitholaphi izingubo na? Ngizobondla kuphi na? Ngize kubo, njengomholi. Ngizokwazi kanjani ukukwenza na?"

101 UMose waphumula phezu kwalokhu: ngoba, uNkulunkulu wathi, "Impela Ngizoba nawe." Leyo yinduduzo yakhe, "Impela Ngizoba nawe!" Yilokho kuphela ayekudinga, ukuthi, uMose waphumula phezu kwenduduzo yesithembiso sikaNkulunkulu, "Impela Ngiyoba nawe, Mose." Ngakho, manje-ke, akusikho kuMose ukubona ukuthi bondliwa kanjani.

"Uzokwenza kanjani, Nkosi na?" UMose akawubuzanga lowombuzo.

102 Akusiwo umsebenzi wami ukubuza imibuzo. Akusiwo umsebenzi wakho ukubuza imibuzo. Kungumsebenzi wethu ukuMkholwa futhi siMlalele, futhi sizizwe sinethezekile ngenkathi sisaphumule phezu kwesithembiso saKhe. "UNkulunkulu washo njalo. Lokho kuyakuxazulula."

103 Omunye wake wathi kimi, "Mfowethu Branham, awesabi yini lapho uya epulpiti lapho, futhi babizelwe kwelamanqamu na? Awesabi ngezinye izikhathi, umi kulowomugqa, kuzoba nephutha na?" Qhabo, mnumzane!

104 Angesabi, ngoba ngesizotha ngiphumule phezu kweZwi laKhe: "Ngizoba nani," ngenkathi Esho kimi ngalobobusuku, "akukho-muntu oyakuma phambi kwakho, zonke izinsuku zokuphila kwakho," Wathi, "Ngiyoba nawe." Futhi Unqume zonke izitha. Ume ngakimi ngenkathi ngangingafanelwe ukuba ngimiswe. Kodwa, ngenxa yokuthi Wakwethembisa, ngenxa yomusa waKhe, ngiphumule ngesizotha phezu kwaleloZwi. Kunjalo! Ngoba Wakwethembisa! Wakwethembisa, Uyakwazi ukugcina lokho Akwethembisile. Kunjalo.

UMose wayekwazi lokhu. "Uzoluwela kanjani ulwandle na?"

UMose wathi, "Angazi, kodwa Wethembisa ukuthi Uyoba nami."

105 Ngakho, ungalinge uwele ibhuloho uze ufike kulo. Hlala neZwi likaNkulunkulu, noNkulunkulu uzovula indlela, ngoba UyiNdlela. Yebo. UMose waduduzwa yiZwi uNkulunkulu alikhuluma kuye.

106 Manje, uJohane; ngikholwa ukuthi sibhekisele kuye kulokhu ukusa, angiqinisekile, kodwa ngi re-. . .ngicabanga ukuthi sibhekisele kuJohane umBhaphathizi. Phandle ehlane, uma omunye umuntu, ngenkathi enyukela e. . .Wathi, "Buka lapha! Kunabantu abangaphezu kwezigidi ezimbili kwa-Israyeli namhlanje. Uzomazi kanjani loMesiya na? Uzokwazi kanjani na?"

"Uzoba nguMuntu ojwayelekile. Uyoba ngenye yamadodana kaDavide."

107 "Uyofikaphi, uzalo lukaDavide na? Kunezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zabo. UzoMazi kanjani na? Uzokwazi kanjani ukuMethula ezweni, futhi wazi ukuthi nguYe na?"

108 Wathi, "NgineZwi likaNkulunkulu. NgizoMazi!" Wathi, "Ukhona Omi phakathi kwenu manje." Amen. "Ukhona Omi phakathi kwenu manje, eningaMazi. Uyonibhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo."

"UzoMazi kanjani, Johane na?"

109 "Ngiphumule phezu kweZwi likaNkulunkulu. Ngoba uNkulunkulu, ehlane, owangitshela ukuba 'Hamba ubhaphathize ngamanzi,' wathi, 'Engiyakubona uMoya ehla futhi ahlale phezu kwaKhe, lowo nguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.'"

110 UJohane wathi, "Wayemi lapho, kodwa bengingaMazi. WayenguMuntu ojwayelekile. Wayegqoke njengomuntu, wayebukeka njengomuntu. WayenguMuntu!" Wathi,

"BengingaMazi. Kodwa Lowo owangitshela ehlane. 'Uzobona isibonakaliso, nalowo kuyoba nguMoya uhlezi phezu kwaKhe. Uyoba nguYe ozokwenza.'" UJohane wayengesabi ukuthi wayezokwenza iphutha; ngoba, wayeMazi! Amen.

111 O, singaphaphalaza kanjani, khona-ke, lapho uJesu ethi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza; bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda."

112 Futhi amadoda alolusuku athola ukuthi ayawaphika lawomandla. "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla kaMoya oNgcwele bewaphika." Impela, livuliwe ukuze siLibone.

113 Siyaduduzeka, ngoba iZwi likaNkulunkulu lakukhuluma futhi lasitshela, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Wathi kuyobakhona abagxeki abavukayo; babeyosho lezizinto; ngakho bekufanele kusiduduze kakhulu ngalokho, ngoba sineZwi likaNkulunkulu, kunjalo, elisitshela lezizinto.

114 O, yebo. UJohane waMazi, ngokuba wayeneZwi lesithembiso saKhe. UNkulunkulu wamethembisa. Wathi, "Ngizokwenzela isithembiso, Johane. Uzobe uphandle lapho ushumayela, qhubeka ngqo futhi nje ushumayele futhi udedele amabhizela awe nomaphi lapho efisa khona. Lapho abaFarisi nabaSadusi nazo zonke izinhlangano zikhuphuka, ningababambisani nazo. Ningazihlanganisi nanoma yibaphi babo, yima khona lapho nje bese ubeka izembe empandeni yomuthi."

115 Futhi ngenkathi benyuka, wathi, "Nina nzalo yezinyoka, ubani onexwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningaqali ukusho, ukuthi, 'sina*lokhu* enhlanganweni yethu, sino-Abrahama ubaba wethu.' Isizathu uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe."

Waduduzeka, ngenkathi bona, omunye umuntu angahle ukuba wathi, "Awume kancane. Nango umpristi omkhulu ngakolunye uhlangothi."

116 "Umpristi omkhulu noma akukho-mpristi omkhulu, umbhishobhi noma akukho-mbhishobhi, inkosi noma akukho-nkosi"; kukhona uHerodi ehlezi laphaya, noJohane wathi, "Akuvunyelwe ukuba uthathe umkaFiliphu futhi uhlale naye." Amen.

117 Wayenani na? IZwi likaNkulunkulu. Amen. Wayengenandaba, waLishumayela engaxegisi. WayeneZwi; leyo kwakuyiNduduzo yakhe. "UNkulunkulu wangitshela ukuthi lowoMesiya uyoba nguBani."

"Awu manje, uma ezobakhona noma yimuphi uMesiya, awucabangi ukuthi kuzoba ngumpristi wethu omkhulu na? Awucabangi ukuthi ubeyokwazi ngakho na?"

118 "Angazi ngalokho. Kodwa uNkulunkulu wathi kimi, Ngiyo 'Bona uMoya wehla. Uyophumula phezu kwaKhe. Uyoba yiLowo.' Amen! Lowo uzoba nguMesiya wami." UJohane wathi, "Nginenduduzo enhliziyweni yami, ngilindile, ngoba ngiyasazi isithembiso sikaNkulunkulu. Lapho ngiMbona, ngiyoMazi."

119 Ngolunye usuku, owehla egqumeni kufika uLazaru noJesu, ehla egqumeni, ukuba abe. . . Waphumela ngqo emanzini.

120 Futhi uJohane wathi, "Bheka, Nango! Nguye Lowo!" Wonke umuntu waqalaza, abakwazanga ukwehlukanisa omunye komunye. Bonke babukeka befana, ngentshebe yabo nengubo ende. Kodwa uJohane wathi, "NgiyaMazi, ngoba kunesibonakaliso esiMlandelayo. NgiyaMazi. NguYe Lowo. Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe."

121 UJesu akazange aphakamise ikhanda laKhe, kodwa wahamba waqonda ngqo emfuleni ukuba abhaphathizwe. "Kanjalo kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke." Wayazi ukuthi WayenguMesiya, ngoba enhliziyweni yakhe wayeneZwi likaNkulunkulu nesithembiso.

O, singaphumula kanjani kulobubusuku!

122 Kanjani ukuthi lapho udokotela esuka embhedeni, futhi wathi, "Leyonhliziyo izoba yizicucu nje. Lokho kushaya kwemithambo akusekho. Ukuphefumula kuyehluleka. Uyafa."

123 "Kodwa ngiyamazi engiMkholiwe, futhi ngi per-. . . ngikholisekile ngokugcwele Unamandla okugcina lokho engikunikele kuYe kuze kube ngalolosuku." Haleluya! Impela, ninesithembiso sikaNkulunkulu, "Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Ophila akholwe yiMi, akasoze afa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Sinesithembiso, iZwi likaNkulunkulu. Kuyinduduzo kithi, ukuhlala neZwi likaNkulunkulu.

124 Manje onke lamaqhawe amakhulu, enginawo amaningi awo ebhalwe phansi lapha, kodwa ukonga isikhathi, siyazi ukuthi aduduzwa yiZwi likaNkulunkulu. Nakhu akwenzayo. Abuka emuva, sengathi, omunye wayebuka emuva futhi abone ukuthi yini, omunye wagcina iZwi futhi waduduzwa, futhi uyaphuma. Kwase kuthi-ke *lona* omunye, wabuka emuva wayesebona ukuthi *we*nzani, ngakho walandela iZwi wayesephuma; waduduzwa, azi ukuthi wayenesithembiso sikaNkulunkulu. Olandelayo uyafika, wezwa uMoya phezu kwakhe, futhi wazi; ngakho walandela iZwi likaNkulunkulu, waba nenduduzo ayenayo. Ngamunye wabo elandela iZwi likaNkulunkulu! Lokho kwakuyinduduzo.

125 O, mfowethu, lalela lokhu manje: Ngelinye ilanga leloZwi lenziwa inyama. Yilokho-ke. LeloZwi lenziwa inyama esimweni somuntu. IZwi likaNkulunkulu, elaletha induduzo, lenziwa uMuntu lapha phakathi kwethu. Besingaphatha iZwi likaNkulunkulu ngezandla zethu. Besingaxhawulana neZwi likaNkulunkulu. WayeyiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." LeloZwi likaNkulunkulu lenziwa inyama, uMduduzi. Waphila lapha emhlabeni. Siyabona ukuthi WayeyiZwi. Wenza njengoNkulunkulu. Wayebukeka njengoNkulunkulu. Washumayela njengoNkulunkulu. Waphulukisa njengoNkulunkulu. WayenguNkulunkulu, ngazo zonke izindlela WayenguNkulunkulu! Wakhuluma njengeZwi. Wayebukeka njengeZwi. Washumayela njengeZwi. WayeyiZwi! Amen.

126 O, kwakuyoba yinduduzo enjani pho ukuhlala phansi ngakuYe! Beningeke nithande ukuba nikwenze na? Wena uthi, "O, impela bengingakwenza, Mfowethu Branham." Umzuzwana nje. Ngani, ngangiyogijimela kuYe, ngihlale phansi eceleni kwaKhe, ngenkathi Wayelapha emhlabeni!

127 Wayengakaze abekhona umuntu owayengake ame esicathulweni sesikhumba saKhe, owayengake ame emhlabeni, futhi wathi, "NginguKuVuka nokuPhila," ethuneni likaLazaru. "Okholwa yiMi, noma efa, wophila." O, he! Kwakungubani lowo na? Kwakuyini lokho na? Lelo kwakuyiZwi. WayeyiZwi. Akumangalisi Wayekwazi ukuma lapho futhi ahlikihle izinyembezi emehlweni aKhe, njengoMuntu; futhi wayekwazi ukukhuluma nomuntu owayefile, izinsuku ezine ethuneni, futhi athi, "Lazaru, phuma!" Kwakuyini lokho na? Lelo kwakuyiZwi. Amen! Lelo kwakuyiZwi lisemnyakazweni. WayeyiZwi. Lelo kwakuyiZwi elafika kubaprofethi. Lokho kwakungukuthi, ngamunye wabaprofethi waMbikezela.

128 Kwasho uStefanu, enkantolo yeSanhedrin, "Yimuphi woyihlo ongabahluphanga abaMbona eza, owabona OLungileyo ngaphambilini, owatshelwa ukuthi Uyofika na? Yimuphi wawoyihlo ongaMhluphanga na? Manje nithathe iNkosana yokuPhila, futhi niYihlabile." O, he! "Nithathe iZwi lokuPhila, ngokuba WayeyiZwi!"

129 NaNgo, iZwi laliphakathi kwabo. BaMbonile ehamba eya ethuneni labafileyo. BaMbona emisa owesifazane waseNayini ezansi lapho, ngenkathi udwendwe lomngcwabo, nendodana yakhe okuwukuphela kwayo, isidumbu, sigqunyisiwe, siya ethuneni. Kodwa lesosidumbu sihlangana neZwi. Nakuba wayeyisidumbu, nokho waphila!

130 "Noma efile, nokho uyakuphila." Isidumbu saphila, ngoba sihlangana neZwi. O, ukuthi Liyokwenzani, lapho lixhumana

naleloZwi! Yileyo induduzo.

131 O, ngesinye isikhathi, amadoda akubona lokho, isigejane sabaseGalile, mhlampe abadobi, futhi babenendoda endala empofu eyayigula kakhulu yayingakwazi ukuphuma embhedeni wayo, futhi bazama ukuyisa eZwini. Futhi abatholanga ndawo, ngokuba babebaningi ababelambele uNkulunkulu. Nendlu yayinqwabelene, ikotishi elincane, umkhukhu wabadobi ezansi emfuleni. Babenamathayilizi ambalwa ngaphezulu. Futhi ukuyisa lendoda phambi kweZwi, abazange bacabange ngenani okwakuzobabiza lona. Badiliza uphahla, noma yini, ukuze nje bakwazi ukuxhumana neZwi. Futhi kwathi nje Yena, iZwi, wabona uhlaka lombhede luza, lwehla, Wathi, "Uthethelelwe izono zakho, ndodana. Thatha uhlaka lwakho, futhi uqhubeke uye ekhaya." Ngani na? Wayesekuxhumaneni neZwi. Niyabo, waLikholwa.

Manje, ukuba wayethe, "Kodwa, niyazi, kade ngilele lapha yonke leminyaka, Ngeke ngakwenza lokho." Kwakungeke kumsize ngalutho.

132 Kodwa ngenkathi exhumana neZwi, wemukela iZwi, wemukela iZwi ngokujabula. "NgiyaLikholwa. Ngiyazi ukuthi Linjalo. Ngiyazi UyiZwi." Ngakho-ke, wathi nje angaxhumana neZwi, wathatha uhlaka lwakhe wayesehamba waqhubeka.

UmFarisi wathi, "Lomuntu uyahlambalaza. Uthethelela izono."

Wathi, "Yikuphi okulula ukuthi, 'Uthethelelwe izono zakho,' noma, 'Thabatha uhlaka, uhambe'?" E-hhe. O, he!

Behluleka ukubona ukuthi WayenguBani. WayeyiZwi.

Induduzo enje pho kulabo baseGalile! BaMkholwa kanjani! BabeMthanda kanjani!

133 Manje, ngoluny'usuku baMbona eya eKalvari. BaMuzwa ethi, "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona." O, "NgiyiNdodana yomuntu, ngifanele ngenyukele eJerusalema, futhi ngibekwe ezandleni zabantu abayizoni ukuba bangibethele, futhi ngife." Babengakumela kanjani na? Izinhliziyo zabo zazephukile. Babedangele. Ba, bonke babesebumnyameni. Babengake baze baMdele kanjani na? Ngoba, iZwi abaprofethi ababelikhulumile, iZwi izazi, nawo onke amadoda amakhulu angcwele emuva ekupheleni, ukuqala kwezwe, wayekhulume ngaleloZwi, futhi nanti Laliphakathi kwabo.

134 Kodwa manje-ke, bukani isithembiso esinje Asenza! "Angiyikunishiya niyizintandane. Angiyikunishiya niyizintandane. Ngizokhuleka kuBaba, futhi Uyonithumelela omunye uMduduzi, onguMoya oNgcwele, futhi Uzohlala nani inguna phakade; ngisho uMoya weQiniso, Lowo izwe elingemamukele, ngokuba lingaMazi. AliMboni, kanjalo

aliMazi—Mazi. Kodwa nina niyaMazi! NiyaMazi ngoba Unani, futhi Uyakuba kini."

135 NaNko! Futhi Uzohlala isikhathi eside kangakanani na? Inguna phakade! Khona-ke liyini iZwi likaNkulunkulu na? Yini induduzo yethu namhlanje na? Kungenkathi semukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, namandla kaNkulunkulu ophilayo ephila kithi. Nalokho ngeZwi likaNkulunkulu ophilayo, siyama, leloZwi lenziwa inyama lakha phakathi kwethu. Manje leloZwi elifanayo, elenziwa inyama lakha phakathi kwethu, selibe yinyama yethu. "Unani manje, kodwa Uyoba kini." Manje leloZwi elifanayo umprofethi alikhuluma, leloZwi elifanayo elenziwa inyama, leloZwi elifanayo lihlala eBandleni. Ngakho-ke, uma singaxegisi leloZwi, sihlala naLo ngqo, uma singaLixegisi, leloZwi elifanayo eliphila kuwe lizoveza into efanayo eLakwenzayo ngenkathi Lenziwa inyama, ngoba inyama *yakho* iyaLibamba.

136 Yingalesosizathu imibono ingagqobhoza isithiyo somsindo. Yingalesosizathu umbono ungabhobokela ezivimbezelweni zesikhathi, futhi uthi, "ISHO KANJE INKOSI, kuyoba ngu*kuthi-nokuthi*." Futhi kungaleyondlela. Kuyini na? YiZwi liphuma kuMoya.

137 Awungiboni, ubona umzimba wami. Awungiboni. Angikuboni, ngoba ngibona umzimba wakho kuphela. Lesi yisandla sami, kodwa ubani mina ongumnikazi wesandla na? Lokhu kungumzimba wami, kepha mina ngingubani na? Ngumoya.

138 Futhi uma ngizelwe ngokusha, uma uzelwe ngokusha, nguMoya oNgcwele kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu liphila kithi. Futhi uma sixegisa phezu kwaleliZwi, futhi sithi sinoMoya kaNkulunkulu, singazisho kanjani ukuthi sinoMoya kaNkulunkulu na? Lapho uMoya kaNkulunkulu ufakaza ngeZwi laKhe uQobo; Akasoze agudluka iyintshi kuLo. Akunandaba ukuthi amahlelo athini! Uzosuka kanjani kuLo, libe LiyiZwi laKhe uQobo na?

Isithembiso, "Ngizoba nani; uMduduzi." Wathi, "Ngizothumela uMduduzi."

139 Futhi babuthana ekamelweni eliphezulu, futhi balinda lapho kwaze kwaba wuSuku lwePhentekoste. Futhi ngenkathi uMoya oNgcwele efika, khona impela nje iZwi elathi Uyokwenza. Wenza khona impela uNkulunkulu athi Uyokwenza. Ku-Isaya 28, noma 28:18, noma, ya, ngikholwa ukuthi ngu-Isaya 28:18 nele 19. Lathi, "Isiyalezelo sifanele sibe phezu kwesiyalezelo; umudwa phezu komudwa phezu komudwa; lapha ingcosana, nalapho ingcosana. Bambelela kulokho okuhle. Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu." Yilokho Athi Uyokwenza. UPawulu wabhekisela kuWo, eziNcwadini, "Ngamadoda

ngezinye izindebe Uyokhuluma kubantu." Futhi ngenkathi uMoya oNgcwele efika, Wafika neZwi impela.

140 Udumo! Futhi lapho Ufika futhi, futhi lapho Ungena eBandleni elizelwe ngokusha, Uyofika ngamandla nokubonakaliswa koBukhona baWo. IZwi likaNkulunkulu, uMduduzi kithi, eveza into eyiyo impela!

141 Muva nje bengikhuluma nompristi, wathi, "Ngani, unguthisha weBhayibheli nje." Wathi, "Wena, hlala nje neBhayibheli." Wathi, "Lowo ngumlando webandla eliKatolika."

Ngathi, "Manje-ke namhlanje uzisho ukuthi umkhulu ngokwedlulele na?"

Wathi, "Impela, siguqula esikufisayo, uyabo, ngoba kwenziwa yi—yibandla, igunya elinikezwe ibandla."

Ngathi, "Kukhona okwenzekile! Ngoba, ezinsukwini zasekuqaleni, wawunezibonakaliso nezimanga nezimangaliso, ukuthi uMoya oNgcwele wawunawe."

142 IBandla eliKatolika lasekuqaleni lakhuluma ngezilimi. IBandla eliKatolika lasekuqaleni laprofetha; babenabaprofethi. IBandla eliKatolika lasekuqaleni lenze zonke lezizimangaliso. Baphulukisa abagulayo. Bavusa abafileyo. Badazuluka, bampongoloza, baziphathisa okwezinhlanya. Basina eMoyeni. Babebizwa ngo "hlanyayo."

143 Kodwa ninesitashi kakhulu namhlanje, nina maKatolika. Niyabo, uye enkambisweni entsha. Sekuyisikhathi sokuba ibandla eliKatolika libuyele lapho liqala khona ngaleyonkathi; ngalezozinsuku ngenkathi uhamba noJesu waseNazaretha, neZwi laba yinyama. Niyabo, ninesigejane sabapristi nophapha, nezinto phakathi lapho, oguqule leloZwi futhi waLiphendukezela, futhi awasekho amandla ebandleni. Yinhlangano nje, njengeMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, nePhentekoste, kuyinto efanayo; yinhlangano. Asisuke kulenhlangano.

144 Ungazivaleli ezitokisini zenhlangano ethile, njengegumbi elingaphansi komhlaba ndawo ndawo, lokungakholwa, ukuphika iZwi likaNkulunkulu. Angikhathali ukuthi noma yimuphi umbhishobhi kumbe noma yini kuthini. Vumela iZwi lingene kuwe, lenziwe inyama ngamandla kaMoya oNgcwele, futhi lengamele inyama *yakho* futhi likulawule, lifakaze ngawe, imisebenzi namandla amakhulu kaNkulunkulu ophilayo. Kunjalo. Akunandaba ukuthi amabandla atheni. Lawomahlelo anifaka kuphela egumbini elingaphansi komhlaba, futhi niyazifihla ekukhanyeni kweNdodana okubusisiwe. Ngiyazi ukuthi lokho kuyiQiniso. Uyafuna ukuhlala egumbini elingaphansi komhlaba na? Akukho muntu ofunayo. Ungangeni kulelogumbi elingaphansi komhlaba. Phumani ekukhanyeni kweNdodana! Phuma lapho, iZwi,

ungathatha iZwi futhi ukholwe iZwi, neZwi Lizozibonakalisa kuwe, futhi Lizibonakalise ngawe; libonakalise iZwi laKhe, lifezeka!

145 Uma silindele uNkulunkulu ukuba agcine iZwi laKhe, uma silindele uNkulunkulu ukuba asenzele izinto esizicelayo, asisoze sakwazi ukukwenza size sibuye futhi silalele lokho uNkulunkulu athi asikwenze. Sifanele sibuyele emuva lapho sishiye khona. Sifanele sibuyele emuva ePhentekoste. Sifanele sibuyele kuMduduzi. Sifanele sibuyele kuMoya oNgcwele, oyiNduduzo yethu. Futhi nxa uMoya oNgcwele efika, Awuyikuphika noma yiliphi iZwi Owake lashiwo. Uyohlala naleloZwi ngqo, ngokuba UyiZwi. Amen.

146 Akumangalisi uFanny Crosby omdala oyimpumputhe engakaze ayibone imini, bambuza ukuthi wayecabangani ngoKristu, wathi:

> Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami,
> Ungaphezu kokuphila kimi,
> Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
> Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?
>
> UMduduzi ulapha, uMduduzi ufikile!
> O sabalalisa izindaba nxazonke, nomaphi lapho umuntu etholakala khona:
> UMduduzi usefikile!

147 Kuyini na? IZwi likaNkulunkulu ligxilise okwehange enyameni *yakho*, okukunika ukuPhila okuPhakade, okukunika amandla okuvuka ukukukhipha ezintweni zezwe, usuka emasikweni aphuphuthekile omuntu, ukuba uhambe ekukhanyeni kweNdodana kwempilo kaNkulunkulu. Yilokho uMduduzi akwenzayo. Kuyakuphakamisa uphume kulesosimo sokuvalelwa egumbini elingaphansi komhlaba. Kukukhuphulela eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi kukunika isehlakalo noNkulunkulu, ukuthi ungamemeza kakhulu noJobe, wasendulo, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona!"

148 Manje-ke, uma sibona iZwi laKhe, futhi senqabile ukuhamba ekuKhanyeni njengoba EsekuKhanyeni, khona-ke inhlanganyelo yethu noNkulunkulu iyanqunywa. Kodwa lapho sibona ukuKhanya futhi sihambe ekuKhanyeni, njengoba EngukuKhanya, khona-ke sinenhlanganyelo omunye nomunye; neGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lisihlanza kuso sonke isono.

149 Siyalungiselela, emizuzwini embalwa, ukuhlephula lesosinkwa, lesosinkwa ikosha esimele leloZwi. Ningalokothi nikhohlwe: Induduzo, umfudlana wayo yonke induduzo yami, umfudlana wenduduzo yami kulobubusuku, ngukuthi, ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Ngiyazi ukuthi

kukhona okwenzeka kimi. Ngiyazi ukuthi ngedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni. Ngiyazi ukuthi ngiyayigcina iMiyalo yaKhe. Uma mina . . . "Uma niNgithanda, nigcina iMiyalo yaMi," Washo. "Uma niNgithanda, yenzani eNginitshela ukuba nikwenze! Onke amazwi omuntu mawabe amanga; awaMi abe yiQiniso." Ungalandeli okushiwo ngumuntu. Landela lokho uNkulunkulu akusho, futhi lapho uthola uMduduzi. Nenduduzo ikulethela ukweneliseka, kokwazi, ngu-ISHO KANJE INKOSI.

Asikhothamise amakhanda ethu.

150 OMkhulu, Jehova onaMandla! NjengoFanny Crosby, ngicaphunile emizuzwaneni embalwa edlule, ngathi, "Wena, uMfudlana wayo yonke induduzo yami!" Qiniso, Nkosi, ngijoyina naye kulobubusuku, nalelibandla elincane, ngokuthi, "Wena, uMfudlana wayo yonke induduzo yami!"

Ngibambe, ngaphansi kwesandla sami, amanye amaduku avela kwabagulayo, Nkosi. Aya kulabo abahluphekile. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobaphulukisa.

151 UyiZwi. NeZwi liza phakathi kwethu, iZwi lihlala kithi. "Angiyikunishiya niyizintandane. Ngizobuya futhi. Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba kini kuze kube sekupheleni kwezwe." SiKubonga kanjani ngalokho, Nkosi!

152 Ukubona amandla aKho ehla ngqo angene e—empilweni yesoni, engena kowesifazane olusizi, intombazane eyeqa imigqa yokuziphatha kahle, isuka ekuziphatheni kahle iya ekuziphatheni okubi; umfana ovela ekuhlonipheni, wangena ekudakweni, isigaba sokumunca usikilidi; kowesifazane oziphethe kabi ngomoya, ogqoke izingubo ezindala ezingcolile, ukuba azibonakalise phambi kwamadoda: Ukubona lowo wesifazane ekhuphukela ebunenekazini! Ukubona lowomfana ebeka eceleni labosikilidi nokuphuza, uqhubekela phambili futhi abe ngongcwele kaNkulunkulu, umshumayeli epulpiti! Nkosi Nkulunkulu, siyazi ukuthi amandla aKho amakhulu angenza zonke izinto. Ukubona lesosithunzi sendoda ilele lapho, idliwe nya ngumdlavuza, ifa; leyondoda eyimpumputhe imi ngaleya; ngibabone bephindela ekuphileni futhi baphile! O, leloZwi likaNkulunkulu ophilayo! SiKubonga kanjani, Nkosi!

Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yethu. Ngijabula kakhulu, kulobubusuku, ukuthi uMduduzi ufike nesithembiso, "Ngiyohlala nani kuze kube phakade."

153 Nomphostoli omkhulu owanikezwa izihluthulelo zoMbuso, wathi, ngalaloSuku lwePhentekoste, "Lesisithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Manje-ke, siyazi ukuthi lowoMduduzi ofanayo uyeza. Futhi siyazi ukuthi UnguMsindisi wethu, kulobubusuku, ngoba Uzibonakalisa Yena uqobo phakathi kwethu, njengoba Enza ngaleyonkathi. SiMazi

kanjalo-ke, ngoba Uyakholwa futhi wenza kulolonke iZwi Ake alikhuluma. AngeLibuyisele emuva, ngoba UnguNkulunkulu. SiyaKubonga ngalokhu, Baba.

154 Futhi ngikhulekela ukuthi Uzoduduza yonke inhliziyo lapha, kulobubusuku. Duduza labobantu. Baphe uMoya waKho. Phulukisa abagulayo nabahluphekile. O, thatha lowo wesifazane ocindezelekile, leyondoda ecindezelekile, umfana noma intombazane, futhi kwangathi bangabheka kude kulobubusuku, basuke ezonweni zabo, kwangathi bangabuka basuke ezintweni zezwe, kuJesu Owathembisa ukuthi Uyohlala kithi. Nemisebenzi Ayenza, besiyoyenza nathi, ngoba Uyofika ngesimo sikaMoya oNgcwele, ukuba abe nguMduduzi ohlalayo, njalo ukuba abe nathi kuze kube phakade. Baba, siphe lezozibusiso. Phulukisa abagulayo, ngiyakhuleka futhi, Baba. Abaningi babo bahluphekile futhi bayadinga.

155 Manje siza etafuleni lesidlo, ukuthatha lawomaphasela esasishiyelwe wona, umyalo, “Lokhu kwenzeni Aze abuye.” Siyabonga ngalezizinto, Baba. Futhi siyakhuleka ukuthi eGameni likaJesu, ukuthi uma kukhona umuntu obuthakathaka phakathi kwethu kulobubusuku, oza kulelitafula lesidlo . . .

156 Nkosi, ngiyambona nje lowomama wami omdala oqhaqhazelayo enyuka esikhaleni sezihlalo lapho, okokugcina wayephakathi lapha ukuthatha lesosidlo, ukuthi izandla zakhe ezindadlana eziqhaqhazelayo zaqhaqhazela kanjani phezu kwalelopuleti. Ngama lapha futhi ngambhekisisa, nezinyembezi ziqathaka enhliziyweni yami. Kodwa nango elele kulobubusuku, ebhekene neKalvari. O Nkulunkulu, ngibonga kakhulu! Wena wathi, “Odla inyama yaMi aphuze iGazi laMi, unokuPhila okuPhakade. Futhi Ngizomvusa futhi ngosuku lokugcina.”

Nkosi, lelo yiZwi. Yingakho ngingama futhi ngithi, “Ngiyamkholwa uNkulunkulu!”

157 Manje, Baba, siyaqonda ukuthi ngenkathi lokhu kuyalwa okokuqala, emuva ngaleya ehlane, nasemuva eGibhithe, iwundlu lephasika lahlatshwa. Bahamba iminyaka engamashumi amane, futhi kwakungekho noyedwa obuthakathaka phakathi kwezigidi ezimbili ezaphumayo. Wabagcina bephilile ngenkathi bethatha iPhasika. O Nkulunkulu, phulukisa wonke umuntu ogulayo oza ngaphambili. Siphe khona, Nkosi. Sindisa sonke isoni. Futhi ugcwalise lonke ikholwa ngoMoya oNgcwele. Futhi kwangathi uMduduzi angahlala aze Enziwe inyama phakathi kwethu kuMuntu kaJesu Kristu futhi. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
Ngoba Wang’thanda kuqala
Wang’thengel’insindiso
E . . .

158 NiyaMthanda na? Asivale amehlo ethu, siphakamise izandla zethu futhi sicule lokho ngokusuka enhliziyweni yethu.

Ngi . . . Ngi . . .
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

159 Manje kukhona isosha elihamba ngendlela elihlezi ngakuwe, omunye umfowethu noma udade ongasemgwaqeni. Bahamba ngendlela efanayo ohamba ngayo. BayaMthanda enimthandayo. Sisacula leli elithi, *Ng'yaMthanda*, makube ngubufakazi. Xhawula omunye umuntu nje, ngakuwe, kanjalo. Manje sisalicula futhi, ekukhonzeni nje, niyazi. Ngiyakuthanda nje lokhu, emva koMlayezo. UPawulu wathi, "Uma ngicula, ngizocula eMoyeni." Xhawula omunye umuntu nje, welule isandla bese uthi, "UNkulunkulu akubusise."

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Ng'yaMthanda . . .

Licule ngoMoya manje!

. . . Ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

160 Sonke kanyekanye manje, namakhanda ethu ekhotheme:

Baba wethu oseZulwini, malingcweliswe iGama laKho.
Umbuso waKho mawuze. Mayenziwe intando yaKho emhlabeni njengaseZulwini.
Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.
Futhi usithethelele iziphambeko zethu, njengoba nathi sibathethelela abasonayo.
Futhi ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi; ngokuba uMbuso ungowaKho, namandla, nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

161 O Nkulunkulu oPhakade, Mqalisi wokuphila noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, ngcwelisa izinhliziyo zethu ezingcolile, Nkosi. Kwangathi iNgelosi ingavela e-altare, nezindlawu nelahle lomlilo, futhi uthinte izindebe zethu nezinhliziyo zethu, futhi uhlanze imicabango yethu nezingqondo zethu, nemiphefumulo yethu; ukuze kuthi nxa sithatha lesisinkwa sekosha, ukuba sikwenze ekukhumbuleni iNkosi yethu. Ngokuba kulotshiwe, "Odla aphuze ngokungafanele,

unecala." O Nkulunkulu, kwangathi singelahlwe kanye nezwe, kodwa kwangathi singangcweliswa futhi sihlukaniswe nezwe, ukuze sibe yiziNkanyiso ezikhanyayo, njengeZwi likaNkulunkulu libonakaliswa ezimpilweni zethu. Sisebenzise, njengezinceku zaKho, Nkosi. Sisebenzise, sonke kanyekanye. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

162 Manje, kulabo abangadingeka bahambe, futhi unebanga elide lokushayela, sizoba nokunikhulula. Futhi khona-ke sizoqonda ngqo esidlweni, khona manje, kulabo abangathanda ukuhlala futhi bathathe isidlo kanye nathi. Kodwa uma uzohamba. . .Ngiyazi ukuthi manje, ngewashi lami, amashumi amabili-nanhlanu kuze kube eleshumi. Cishe kuyoba ngeleshumi nqo ngaphambi kokuba siqede esidlweni. Bese kuthi-ke, masinya emva kwalokho, banokugezana izinyawo. Futhi uma nifisa ukuhlala futhi nigcine lokhu kanye nathi, sizojabula kakhulu ukuba nani. Ngiyanibonga futhi, ngakho konke enikuqondile eMbusweni kaNkulunkulu, nakimi nakokwami. UNkulunkulu abe nani njalo!

163 Ngifuna ukubonga lowomfana oyikhawa omncane, kulokhu ukusa, umfo omncane othi akabe *kanjalo*, efake isigqoko sekhawa elincane, uphumela lapho futhi wanginika isikhwama semali, ibhukwana lephakethe elinegama lami liqoshwe kulo, "Mfu. William Branham," nesipho esincane. Angazi ukuthi ubani umfana omncane. Ngidabuke kakhulu, kulokhu ukusa, ngaze ngakhohlwa ukubonga umfo omncane. Kodwa ngiyakubonga, s'thandwa.

164 NoBilly wathi abantu abaningi ngalapha bamehlisele izipho ezincane, ukuba anginike zona. UBilly uzokwenza lokho. Ngakho, ngiyabonga, ngomusa kakhulu. UNkulunkulu anibusise njalo njalo! Khumbulani lokhu, "Enikwenzile kwabancinyane balaba, abancinyane baMi, nikwenzile kiMi."

165 UNkulunkulu anibusise njalonjalo, ngumkhuleko wami. Futhi uma uzodingeka uhambe manje, awu, sinifisela okuhle kakhulu kukaNkulunkulu. Futhi uma ungahlala nathi, sizojabula ukuba nawe.

166 Manje, sizoma, futhi sicule isitanza esisodwa selithi *Hamba NeGama LikaJesu*. Khona-ke, labo abazofanele bahambe bazokhululwa ngomkhuleko, masinya emva kwalokho.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

167 Sizocula esinye futhi isitanza, bese kuthi-ke ngizocela umfundisi omncane, ngikholwa ukuthi ungumGreki, engahlangana naye esikhathini esedlule. Angisalikhumbuli igama lakhe njengamanje. UMfowethu Mamalis. Umi nathi, lapha nathi kulobubusuku. Siyajabula ukuba naye. Ngikholwa ukuthi uyisitshudeni sekolishi elithize. Ngikholwa ukuthi ngihlangane naye lapha esikhathini esingeside esedlule, umfowethu oqotho ngempela ezama ukusebenza insindiso yakhe ngokwesaba nokuthuthumela. Uvela eGrisi. Ukhuluma ulimi ngokushelelayo. Futhi ngakho siyajabula ukuba nomfowethu enathi kulobubusuku. Ngikholwa ukuthi usuka le e-Oregon, noma, eCalifornia, noma, eLos Angeles. Siyajabula ukuba naye enathi.

168 Manje, sizocula esinye futhi isitanza, simnike ithuba lokuzithulisa. Futhi khona-ke uzosikhipha ngezwi lomkhuleko, uma uthanda, mfowethu. Kulungile.

> NgeGama likaJesu siyakhothama,
> Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
> INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
> Lapho uhambo lwethu seluphelile. (Akuyikumangalisa lokho na?)
>
> Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi kangaka!
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
> Eliligugu . . . O limnandi kangaka!
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Asikhothamise amakhanda ethu manje. Kulungile, mfowethu.

169 [UMfowethu Mamalis uyakhuleka—Umhl.] Yebo. Qiniso. Yebo, Nkosi. Yebo. Siphe khona. Yebo. Siphe khona, Nkosi. Yebo. Siphe khona. Yebo. Yebo, Baba. Yenza, Baba. Yebo, Kristu. Siphe khona, Nkosi. Yebo. Yebo, siphe khona. Yebo, Nkosi. Amen.

170 Kuwe, manje, lokho kufanele kuhambe, hamba ngqo . . . wena ozokhishwa; nawe ofuna ukuhlalela isidlo hlala phansi nje.

> NgeGama likaJesu siyakhothama,
> Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
> INkosi yamakhosi . . . Yena,
> Lapho uhambo lwethu . . . (Sinike lelokhorasi futhi.)
>
> Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
> Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
> Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.
>
> Ukuthula! Ukuthula! Ukuthula okumangalisayo,
> Sehla sivela kuBaba Phezulu;

Shanela phezu komoya wami kuze kube phakade, ngiyakhuleka,
Emagagasini othando angenakulinganiswa.

Ukuthula! Ukuthula! Ukuthula okumangalisayo,
Sehla sivela kuBaba Phezulu;
Shanela phezu komoya wami kuze kube phakade, ngiyakhuleka,
Emagagasini othando angenakulinganiswa.

Ukufana noJesu, ukufana noJesu,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Konke ohambweni lwempilo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

Emphathini waseBetlehema kwavela uMfokazi,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Konke ohambweni lwempilo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

Khanyisa kimi, Nkosi, khanyisa kimi,
Makuthi ukuKhanya okuvela endlini yokuKhanya kukhanye kimi;
O, khanyisa kimi, Nkosi, khanyisa kimi,
Makuthi ukuKhanya okuvela endlini yokuKhanya kukhanye kimi.

Asiphakamise izandla zethu sisacula lelo.

Khanya kimi, o, Nkosi, khanyisa . . . (Lokho ngukuPhila kukaMoya, lokho ngukuPhila kukaMoya.)
Makuthi ukuKhanya okuvela endlini yokuKhanya kukhanye . . .
O, khanyisa . . . Nkosi, khanyisa kimi,
Makuthi ukuKhanya okuvela endlini yokuKhanya kukhanye . . .

Ukufana noJesu, ukufana noJesu,
Emhlabeni ngilangazelela ukuba ( . . . ? . . . )
. . . ohambweni lokuphila ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

O Nkulunkulu!

Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Wozani nonke nina bangcwele bokuKhanya nimemezele,
UJesu, ukuKhanya kwezwe;
Khona-ke izinsimbi zaseZulwini zizokhala,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Sizohamba kulokhu kuKhanya, kungukuKhanya okuhle kangako,
Kuvela lapho amathonsi amazolo omusa ekhaya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

171 Baba, siyaKubonga ngalamahubo. Sikholwa ukuthi ayiziprofetho. Sicabanga ukuthi kanjani uJesu, ngenkathi Esemhlabeni lapha, Wabhekisela emuva emaHubweni. Wathi, "Akashongo yini uDavide eHubweni, u*kuthi-nokuthi* na?" Ukuphefumulelwa kombhali.

172 O, lapho sicabanga ngaleliculo, *Sizohamba EkuKhanyeni*, noma *Ukufana NoJesu* nokuthi sikuthanda kanjani lokho, ngoba lokho ngukulindela kwethu okukhulu. Yinhloso yethu nempokophelo. Kuyisifiso sempilo yethu ukufana naYe. Bese kuthi-ke ekusongelweni kokugcina sicabanga ngehubo eliculwa kanje:

Kuzoba nomhlangano emoyeni,
Kulokho okuhle, okuhle-hle.

O, sikuthanda kanjani. Futhi ngenkathi imbongi ithi:

Nizwile ngoMose omncane esihlahleni,
Nezwa ngoDavide onesibindi nendwayimana yakhe;
Niyizwile indaba ixoxwa ngoJosefa ophuphayo,
NangoDaniyeli nezingonyama esivame ukukucula.
O, baningi, abanye abaningi eBhayibhelini,
Futhi ngilangazelela ukuhlangana nabo bonke, ngiyamemezela!
Ngokushesha iNkosi izosivumela ukuba sihlangane nabo
Kulowomhlangano emoyeni.

173 Kodwa lapho sifika kuleyondawo lapho kuthi khona, "Kodwa iNdodana kaNkulunkulu uQobo iyoba Eholayo kulowomhlangano emoyeni," siyakulangazelela lokho, Nkosi. Sikhonza Wena manje. Ngazo zonke izinhliziyo zethu, sikhonza Wena, "Wena Mfudlana wenduduzo yethu yonke."

174 Iminyango yezinhliziyo zethu ivaliwe ezweni elingaphandle, siyahamba manje siya etafuleni lesidlo. Singayizwa iNkosi yethu isho kuPetru ngalobobusuku, "Uma ngingakugezi, awunasabelo naMi."

175 Wathi, "Nkosi, kungabi yizinyawo zami kuphela, kodwa izandla zami nekhanda lami." SiKubonga kanjani ngaloluhlelo, Nkosi, ukuthi singahlanganyela ndawonye. Ngcwelisa izinhliziyo zethu manje, Nkosi, uma kukhona isono phakathi kwethu, sikhiphe, Baba.

176 Sithethelele iziphambeko zethu, nathi sithethelela abanye abasonayo. Wethembisa, Nkosi, ukuthi uma sibathethelela abanye, ukuthi Uzosithethelela. Futhi Baba, kusukela ekujuleni kwenhliziyo yami, ngithethelela zonke izitha. O, Nkulunkulu. Bengingaya kubo, ngithandeka enhliziyweni yami, futhi ngigeze izinyawo zabo, ngenze noma yini ebengingayenza, ukuze nje bangageji lobobumnandi obukhazimulayo masinya. Futhi ngiyezwa ukuthi lowo ngumuzwa wayo yonke inhliziyo phakathi lapha manje, Baba.

177 Sibuthene ndawonye, iminyango ivaliwe, amakhethini ehlisiwe futhi manje siza kulelitafula elingcwele. Futhi njengoba sifunda lomyalo, sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzobusisa, usindise futhi uphulukise wonke umuntu eBukhoneni bobuNkulunkulu. Sikucela eGameni likaKristu. Amen.

178 Emizuzwaneni embalwa nje edlule, ngenkathi ngivula iBhayibheli lami lapha ukuba ngifunde, ukuthola kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 11 nevesi 23, kuvele kwavuleka ngqo kukho. Ngizofunda manje emibhalweni yomphostoli omkhulu kwabaseKorinte:

> *Ngoba ngemukele eNkosini . . . engikunikele kini, Ukuthi iNkosi uJesu ngalobo busuku . . . owakhashelwa ngabo wathatha isinkwa:*
>
> *Futhi e . . .* wabonga, *wasihlephula, wathi, Thabathani, futhi udle: lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.*
>
> *Kanjalo wathabatha nesitsha,* futhi *emva kokudla kwakusihlwa, wathi, Lesisitsha siyisivumelwano esisha egazini lami: lokhu kwenzeni, ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo, ukuba ningikhumbule.*
>
> *Ngokuba njalo nxa* nidla *lesi sinkwa, niphuza lesisitsha, nimemezela ukufa kweNkosi ize ifike.*
>
> Ngakho-ke *lowo odla lesisinkwa, aphuze lesisitsha . . ., ngokungafanele, unecala lomzimba negazi leNkosi.*
>
> *Kodwa umuntu akazihlolisise, khona-ke akadle isinkwa, aphuze okwesitsha.*
>
> *Ngokuba odlayo aphuze uzidlela aziphuzele ukulahlwa, engawahlukanisi umzimba weNkosi.*

*Ngenxa yalokhu abaningi bayagula,* noma—noma, *abaningi babuthakathaka futhi bayagula phakathi kwenu, nabaningi balele.*

*Ngokuba uma si. . .sahlulela. . .Ngokuba uma besizahlulela thina, besingayikwahlulelwa—besingayikwahlulelwa.*

*Kepha nxa sahlulelwa, siyalaywa yiNkosi, ukuze singalahlwa kanye nezwe.*

*Ngakho-ke, bazalwane bami, nxa* ni*buthana ukuba nidle, anolinda omunye.*

179 Manje, kube yisiko lebandla lethu ukuthi lapho sifika kulomzuzwana, sikhothame umzuzwana nje ngomkhuleko; futhi ningikhulekele, ngokuthula, ngenkathi nginikhulekela.

180 Siyaqonda ukuthi umBhalo esiwufundile, ukuthi, uma sidla futhi sisiphuza ngokungafanele, sizidlela futhi siziphuzela ukulahlwa, singawahlukanisi umzimba weNkosi. Lokho ngukuthi: uma uphila esonweni, uphila lapho ongafanele uphile khona, khona-ke uyihlazo embangeleni. Ungakuthathi, deda kukho. Ungakwenzi.

181 Kodwa uma uphila. . .Ngiyazi sonke siyalenza iphutha, kodwa sinoMhlatshelo weGazi obekwe lapho usihlawulela njalonjalo, iGazi leNdodana kaNkulunkulu uQobo. Ngakho sithethelelwe izono zethu.

Kodwa uma uphila esonweni esisobala futhi u—ungafanele ukubizwa ngomKristu, ungasithathi.

182 Kodwa uma ungumKristu, khona-ke ubophezelekile ukusithatha. "Ngokuba odla inyama yaMi aphuze iGazi laMi unokuPhila okungunaphakade, futhi Ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela."

183 Asikhuleke, umzuzwana nje, ngomunye nomunye.

Baba, lomkhuleko siwunikela kuWe, ukuthethelelwa kwezono zethu, siyakhuleka, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Abangenisi ngokuvamile banabantu abami e. . .Uphi uMfowethu Taylor nabo na? Kulungile. [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.]

184 Njengokwejwayelekile, nginikela lomkhuleko ngaphambi kokuba noma ubani ame. Yingakho uMfowethu Taylor ubelindile, kodwa bengifuna lokhu ngesizathu kulobubusuku. Ngiphethe esandleni sami ujusi wamagilebhisi, iwayini, igazi lamagilebhisi uJesu athi, "Ngiyakuliphuza nani lilisha nani eMbusweni kaBaba waMi." Lokhu kumele iGazi likaJesu Kristu, ukuthi izono zethu zithethelelwe.

185 Ngicabanga ngembongi eyathi, "Wundlu elifayo elithandekayo, iGazi laKho eliyigugu alisoze lalahlekelwa amandla aLo lize lonke iBandla likaNkulunkulu elihlengiwe

lisindiswe ukuba lingabe lisona." Asikhothamise amakhanda ethu.

186 Nkulunkulu onomusa, njengoba ngibamba, kulokhu, isandla sami, kulobubusuku, amagilebhisi, igazi lamagilebhisi, lokho kungokokumela iGazi leNdodana kaNkulunkulu. Bengihlale ngicabanga, "Bengingenzani ngamaconsi amabili eGazi likaJesu langempela, ukuba benginaLo engilazini na?" Bengingakucindezela kanjani enhliziyweni yami. Manje, Baba, lokhu kumelela leloGazi.

187 Njengoba ngicela Wena ukuba ulibusise kuwo wonke ohlanganyelayo, kwangathi izono zethu zingaba ngaphansi kweGazi. Kwangathi ukugula kwethu kungashabalala kithi, ngokuba siyizinceku zaKho sifisa eqinile, imizimba enempilo nehlanzekile, inhliziyo emsulwa nonembeza, ukuthi singaba ngabamele baKho kulomhlaba. Siyakhuleka kuWe, Nkulunkulu wethu, ukuba ungcwelise lamagilebhisi kulobubusuku, igazi laleligilebhisi, enhlosweni yalo ehlosiwe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

188 UmBhalo uthi Wathatha isitsha futhi wabonga. Wayesethatha isinkwa Wayesesihlephula wayesethi, "Lokhu kungumzimba waMi ohleshulelwe nina." Njengoba ngiphethe ngesandla sami, kulobubusuku, lamaphasela amancane esinkwa sonke esishwabene futhi saqhekezeka, kungikhumbuza ngomlayezo kulobubusuku, ukuthi basishaya kanjani isihlahla esisodwa ukuze bathole intibintibi ukusindisa omunye, nokuthi kanjani ukuthi "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu: isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo; kodwa ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Kwangathi umusa kaNkulunkulu ungangcwelisa lesisinkwa ikosha enhlosweni yaso ehlosiwe, nawo wonke umuntu ohlanganyela kuso, akusekho sono empilweni yakho, akusekho kugula emzimbeni wakho size sihlangane neNkosi.

189 Baba wethu waseZulwini, singcwelisa lesisinkwa ngezwi lomkhuleko nokukholwa ukuthi sizosetshenziselwa inhloso ehlosiwe uNkulunkulu ahlose ukuba siyenze: ukugcina lenqubo aze Afike. Kwangathi wonke umuntu ohlanganyela kulesisidlo sakusihlwa kulobubusuku, kwangathi bangahlanzeka esonweni, futhi baphulukiswe ekuguleni, ngenxa yohambo olusihlalele. Siyacela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

190 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . . ekuseni. [UMfowethu Branham ufunda kuJohane 13:2-15.]

> . . . *sekudliwe, udeveli* manje ese*fakile enhliziyweni kaJuda Iskariyothe, indodana kaSimoni, ukuba amkhaphele;*
>
> *uJesu ekwazi ukuthi uYise unikele konke ezandleni zakhe, . . . ukuthi wavela kuNkulunkulu, futhi* uye *kuNkulunkulu;*

Usukuma *ekudleni kwakusihlwa, wabeka izingubo zakhe;. . .wathabatha indwangu, wakhwica.*

*Emva kwalokho* wathela *amanzi emcengezini, waqala ukugeza izinyawo zabafundi, wazesula ngendwangu abekhwice ngayo.*

*Wafika-ke* ku*Simoni Petru:. . .uPetru* wathi *kuye, Nkosi, wena ugeza izinyawo zami na?*

*UJesu waphendula wathi kuye, Engikwenzayo manje awukwazi. . .; kepha uyakukwazi emva kwalokhu.*

*UPetru* wathi *kuye,* Nkosi, *awusoze wageza izinyawo zami naphakade. UJesu wamphendula wathi, Uma ngingakugezi, awunasabelo nami.*

*USimoni Petru* wathi *kuye, Nkosi, akungabi yizinyawo zodwa, kepha nezandla nekhanda.*

*UJesu* wathi ku*ye, Ogeziweyo ka*sweli *lutho ngaphandle kokugezwa izinyawo, kepha uhlambulukile yonke indawo: nina-ke nihlanzekile, kepha hhayi nonke.*

*Ngokuba ubemazi obezakumkhaphela; ngalokho* wathi, A*nihlanzekile nonke.*

*Esegeze izinyawo zabo, wathabatha izingubo zakhe, wabuye* wa*hlala phansi, wathi kubo, Niyakwazi yini engikwenzile* ki*ni na?*

Ni*ngibiza nithi Mfundisi neNkosi: futhi* ni*sho kahle; ngokuba ngiyikho.*

*Uma-ke mina, iNkosi noMfundisi, ngigeze izinyawo zenu; nani-ke* ni*fanele ukugezana izinyawo.*

*Ngokuba ngininikile isibonelo, ukuba* ne*nze nani njengokuba ngenzile* ki*ni.*

"Futhi kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke."

Abesifazane bathatha ukugezana izinyawo ngemuva, ngiyakholwa, ekamelweni ngale ngakwesokudla. Amadoda angena kulelikamelo ngapha.

191 Futhi niyamenywa ngempela nangokufudumele ukuba nihlale nathi ngalokhu uma ningakwazi. Uma ningenakukwenza, ngani, siyajabula ukuba nani lapha kulobubusuku; sikhulekela ukuthi nizobuya nathi futhi, nibe nathi enkonzweni yethu elandelayo.

192 Ngifuna ukusho into eyodwa, ubusuku ngabunye lapho ngithatha isidlo, ngihlala njalo ngidwengula ngokuqinile, ngishumayela kanzima. Kodwa ngempela kuyawuxhuxhumisa umphefumulo wami ukubona isigejane sabesifazane esibukeka sihlanzekile njengoba esethu sinjalo esiza ngakulelitabernakele, senyukela kuleli-altare lapha nobuso obugezwe bahlanzeka,

kungekhokuziphaqulula, izinwele ezinde, bemi lapho njengabangcwele nabesifazane abagqoke kahle.

193 Ukubona abazalwane bethu behamba lapho benalokho okuqinile, ukubukeka okungcwele ebusweni babo ukuba bathathe isidlo. Ngiyajabula ukuba ngomunye wabelusi benu. "UNkulunkulu anibusise njalonjalo," ngumkhuleko wami.

194 Manje, uMfowethu Neville uzokhipha izethameli labo abazofanele bahambe. Nalawomadoda afisa ukuza futhi alindele ekugezeni izinyawo azoza ekamelweni elingakwesokudla, nabesifazane bazoya ekamelweni ngemuva. Ngize nginibone futhi, izibusiso zikaNkulunkulu zibe nani. Mfowethu Neville.

